



KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT

SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 194 • JULY 2016

Ubuholi obusha besiFundazwe budlise ngesipiliyoni kanye nejubane ukufeza izidingo zabantu




IsiFundazwe saKwaZulu-Natal sakhiwe ngabantu abangaphezu kwezigidi eziyishumi kanti iningi lhlala ezindaweni ezisemakhaya nasezindaweni ezisadinga ukuthi uHulumeni angenelele ukuze kuphuculwe izimpilo ngokushesha. **Bheka udaba ekhasini 4**



**21ST INTERNATIONAL
AIDS CONFERENCE**
DURBAN ICC • 18-22 JULY 2016

**“Strengthening the Fight
Against HIV and AIDS Pandemic”**

ACCESS • EQUITY • RIGHTS NOW



OKUNGAPHAKATHI



AVELE NKALO ZONKE AMAZWI ENDUDUZO UNDUNANKULU U-WILLIES MCHUNU EFIHLA UBABA WAKHE

IKHASI 3

Avele nkalozonke amazwi enduduzo kuNdunankulu uMhlonishwa u-Willies Mchunu ngenkathi kufihlwa ubaba wakhe eWembezi ngoMgqibelo. Bese kungokwesithathu izinyanga zilandelana uNdunankulu efihla abantu ababalulekile kuye.

ISITATIMENDE SEKHABHINETHI YESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL

IKHASI 5

Ukucubungulwa kwezinsolo zokungahambisi kahle ekwabiweni kwezindlu zesibonelelo sikaHulumeni. IsiFundazwe saKwaZulu-Natal singesokuqala ukwenza ucwaningo olubheke ukuthi abantu besifundazwe banelise kwanjani ngoHulumeni.

KWETHULWE UCWANINGO NGENTSHA ABAFUNDI BASEVUMA BEGOGODA EZIFUNDWENI ZABO

IKHASI 7

Lokhu kwenzeke emcimbini lapho uNgqongqoshe ebehlenganyele nabafundi, abazali kanye nomphakathi, eVuma Youth Development Academy, eShowe, eNyakatho nesiFundazwe, kubungazwa abafundi besilisa abaphothule izifundo zabo zamakhono ahlukahlukene esikhathini esingangezinyanga eziyisithupha, okubalwa kuzo ukulungisa amapayipi amanzi, ugesi kanye nokupheka.

KUNCONYWE INTSHA YASETHEKWINI ESIKHATHELE UKUBA IZIGQILA ZEZIDAKAMIZWA ESEZIKHIPHE IMIPHEFUMULO KWAMASHU

IKHASI 10

UNgqongqoshe waloMnyango ezingeni likaZwelonke, uNkosazana Bathabile Dlamini, ukhulume nezinkumbi zabantu eThekwini, emcimbini owaziwa ngeMinisterial Community Outreach Programme (Project Mikondzo), obusesigcemeni sakwa-C, ezinkundleni zemidlalo.

KONKE SEKUMI NGOMUMO MAYELANA NOKHETHO ESIFUNDAZWENI SAKWAZULU-NATAL

IKHASI 12

Lokhu kushiwo nguNgqongqoshe woMnyango wezokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba, zoMdabu, uNomusa Dube-Ncube, kwisithangami sabezindaba ebesingethwe eThekwini.

MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

Ishicilelwa kabili ngenyanga.

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana nehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za

Ithimba elihlanganise iphephandaba:

Umhleli omkhulu: Adv. Simo Chamane

Umhleli wezindaba: Sibusiso Magwaza

Umhleli wamakhasi: Bonga Khoza


Abezithombe:

Zandile Shange

© KZN Provincial Government



KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT



AVELE NKALO ZONKE AMAZWI ENDUDUZO NGENKATHI UNDUNANKULU U-WILLIES MCHUNU EFIHLA UBABA WAKHE EWEMBEZI

■ ISilo sicaphune amazwi encwadi engcwele ukududuza ngokuthi “Zonke izinsuku zethu zokuphila asizazi, ukuphila kwethu kwaqoshwa singakazalwa.

SIBUSISO MAGWAZA

Avele nkalozonke amazwi enduduzo kuNdunankulu uMhlonishwa u-Willies Mchunu ngenkathi kufihlwa ubaba wakhe eWembezi ngoMgqibelo. Bese kungokwesithathu izinyanga zilandelana uNdunankulu efihla abantu ababalulekile kuye. Ngo April kube unkosikazi wakhe u-Dudu Mchunu, ngo May kube ngumama wakhe u-Ntombikayise Mchunu njengoba manje ngo June sekungcwatshwa ubaba wakhe uMnumzane uJoseph Mahobhe Mchunu obedume ngegama lakhe elithi ngu-Hulumeni. Ephawula ukubonga bonke abamxhasile uNdunankulu uthe akasazi ukuthi uzothoni ngendlela abantu asebemxhase ngayo. Uthe sekumlethela amahloni ukungazi ukuthi yini manje ezobuye yenzeke. Izigigaba ezinjengalezi azijwayelekile, kanti abantu abaningi bagcina sebelahlekelwa yiithemba, bezibuza beziphendula ukuthi kambe yini abangayenzanga noma ebekufanele bayenze. Kodwa amazwi eSilo saMabandla-

Onke esiwaphathise uMntwana u-Thulani Zulu amduduzile uNdunankulu, futhi anike nezimpendulo nakulabo abese benongabazane. ISilo sicaphune amazwi encwadi engcwele ukududuza ngokuthi “Zonke izinsuku zethu zokuphila asizazi, ukuphila kwethu kwaqoshwa singakazalwa. Ngakhoke akufanele sithathe okwenzekile njengephutha bese siqala sigxeka abathile” Siqhube sathi akaxole futhi aqine uNdunankulu phezu kwazo zonke lezizinselelo abhekene nazo. Kanti uNgqongqoshe u-Weziwe Thusi obekhuluma egameni likaHulumeni uthe imfundiso kaHulumeni Joseph Mahobhe Mchunu ibonakala ngendlela aziphethe ngayo uMacingwana njengoNdunankulu. Kanti zonke izikhulumi zigcizelele ukuthi u-Hulumeni njengoba ubaba kaNdunankulu ebaziwa, ubewumuntu ozithobile futhi wenze konke obekungadingakala ukuthi ubaba akwenzele izingane zakhe. Lomngcwabo uphenduke waba

ngumgubho lapho bekukhulunywa kakhulu ngobuntu bakhe, nemisebenzi ayenzile ukuphakamisa isithunzi somuntu omnyama. Kuthule kwathi cwaka ethendeni ebeligcwele phama izindimbane zabantu abebezophelezela lensizwa endala ngenkathi obekhulumela umndeni wakwaVilakazi echaza lensizwa endala. Uthe “izimbali ziyobuna, nelanga liyoshona, izinkumbulo ziyofadabala, kodwa indoda efana noMahobhe Joseph Mchunu ayisoze yakhohlakala ngenxa yamagalelo ayo”. Kulomngcwabo uNdunankulu ubexhaswe izinhlaka eziningi ezivela emphakathini okubalwa kuzo i ANC, SACP, COSATU kanye neSANCO. Zonke lezizinhlaka beziholwa ngubuholi bazo obuphezulu kanti lokhu uze waphawula ngakho uNdunankulu ngenkathi enza inkulumo yokubonga egameni lomndeni. UNdunankulu uthe ukuthi Mahobhe kuchaza inyani yokuthula. Uqhube wathi

uMahobhe ubonakala ehlanganise lezizinhlaka ezibalulekile ngalomngcwabo, kanti kuyajabulisa ukuzwa zonke zikhuluma into efanayo yokuthi akuhlanganwe. Ubonge wonke umuntu obekulomngcwabo, nalabo abathumele imiyalezo kanye naso sonke isiFundazwe saKwa-Zulu-Natal. Uthe umndeni wakwaMchunu uqina idololo ngenxa yemithandazo nezilokotho ezinhle ezivela kubobonke abantu besiFundazwe. Umbonge noma eselele ubaba wakhe ngakho konke abenzele kona. Uthe izimfundiso ezinhle azithola yizo lezi ezimkhulisile ukuze abe yilokhu ayikho namhlanje. Uqhube wathi ubonga ngisho izimfundiso ubaba wakhe amnika zona ngenkathi elele embhedeni wokugula esibhedlela. Uthe lendoda ibiyiqhawe emndenini kanti idlale indima enkulu ekuhlanganiseni lomndeni. Uthe ubaba wakhe wayebakhuthaza ukuthi babambe

iqhaza ezintweni ezenzeka emphakathini. Uthe nakuba abaningi bengazi, kodwa ubaba wakhe wabe eyilungu elihloniphekile likaKhongolose kusukela ngazo leziya zikhathi ezindala. Uthe angakubeka angahlonizi ukuthi ubaba wakhe wenza okuningi okuhle kubo njengomndeni. Uthe zonke izingane zakhe waziya esikoleni yize yena engazange athole imfundo esezingeni eliphezulu. NgokukaNdunankulu u-Willies Mchunu, “ubaba wakhe akashonile, kodwa ugodukile”. UNdunankulu uphethe ngokubonga uMnyango weZempilo oholwa nguNgqongqoshe uDhlomo kanye nesibhedlela saseMtshezi ngakho konke abakwenzile bezama ukuhlenga impilo kababa wakhe. Ucele umndeni wonke waseMachunwini ukuthi ubambane ngezandla, uthathe sengathi ubaba usekhona, wathi makungabi khona ukuxabana.

UNdunankulu waKwaZulu-Natal ukhuthaze umphakathi waseNgwelezane ukuthi mawubambe iqhaza elibonakalayo ezinhlelweni zika Operation Sukuma Sakhe

SIBUSISO MAGWAZA

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa u-Willies Mchunu ukhuthaze umphakathi wase-Ngwelezane ukuthi ubambe iqhaza elibonakalayo ezinhlelweni zika-Operation Sukuma Sakhe ngenkathi ehambele lendawo kanye neKhabhinethi yoNgqongqoshe bakhe bonke. Loluhlelo kwakuyisifiso sikaHulumeni ukuthi bonke abantu babambe iqhaza ekuphathweni kwezimpilo zabo njengoba kusho UMqulu WeNkululeko (Freedom Charter), kusho uNdunankulu. Uthe ngenxa yempumelelo yaloluhlelo kulesisifundazwe, uMongameli wezwe umnumzane uJacob Zuma useyalele ikhabhinethi kazwelonke ukuthi isike iphethini kulo loluhlelo ukuze lusetshenziswe nakwezinye izifundazwe. Uqhube wathi ngo-Operation Sukuma Sakhe, abantu baletha izinkinga zobo kuHulumeni nasezinhlakeni zikaSukuma Sakhe bese futhi bona baveze izindlela namasu okuxazulula lezozinkinga. UNdunankulu kanye noNgqongqoshe bakhe bebehambela endaweni yasoThungulu ukuze bahlale inqubekela phambili futhi balalele nanokuthi izinhlelo zokusiza umphakathi zisebenza kanjani. UNdunankulu uluqale usuku lwakhe esikoleni sabantwana abancane –Place of Safety lapho

exoxisane nabo waze wabanikeza umnikelo wamathoyizi okufunda ukuze abalekelele ezifundweni zabo. OkaMacingwane ekhuluma nezingane uthe uzele ukuzozibona nanokuthi injani inqubekela phambili emsebenzini wazo. Uthe lendawo yaseNgwelezane uyazi kahle ngoba kuyo sekuphume abaholi abaningi lapho eze waphatha khona igama likaNgqongqoshe wamaPhoyisa kuzwelonke UMnumzane uNathi Nhleko. Uthe uyathemba ukuthi nakuzo izingane ezincane kuzophinda kuphume abaholi abasha. UNdunankulu uthe uHulumeni akasoze angabaza ukungenelela uma kudingeka ukuze kuxazululwe izinkinga zomphakathi. UNdunankulu ubuye waqhubekela ezingadini ezitshale utamatisi eziphethwe yintsha ngaphansi kwenhlanano ezibiza kokuthi IMizamo-Yethu. Loluhlelo olungajwayelekile lokutshala utamatisi luholwa yintsha kanti lubukeka lwenza kahle kakhulu ngoba nabasebenzi bakaHulumeni babonakale sebethenga amakesi katamatisi kuyona lendawo. UNdunankulu ubephelezela ithimba lezikhulu zikaHulumeni okubalwa kuzo uMqindisi-Jikelele kanye nabanye. Ikhona inqubekela phambili ngokwenziwa isihlelo zikaSukuma Sakhe eNgwelezane.



UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu ehambele umphakathi wase-Ngwelezane ngaphansi kohlelo luka Operation Sukuma Sakhe. **Isithombe: ZANDILE SHANGE**

Lokhu kufakazelwe ngumbiko owethulwe omele eZempilo obale nokwehla kwamazinga ezifo kanye nokunye. Kodwa ubuye wakhala ngezinga lokukhulelwa kwezingane ezisencane, i-TB, izidakamizwa kanye nodlame ezikoleni. UNdunankulu unxuse umphakathi ukuthi ungasongi izandla ulindele uHulumeni, kodwa akube yiwo oza namasu amasha ocabanga ukuthi angaba yisixazululo. Uthe kubalulekile ukuthi yonke iminyango kaHulumeni imeleke ezinhlakeni zikaSukuma Sakhe. Uthe lomkhankaso kaSukuma Sakhe usuzizungeze zonke izifunda uqoqa imibiko bese ubuya uzokwenza ushintsho

ngokusebenza nomphakathi. Uqhube wathi uSukuma Sakhe waqanjwa ngenhloso yokulekelela imiphakathi ukuze ikwazi ukuxazulula izinkinga ebhekene nazo. Uthe yakhiwa ngoba kucatshangelwe abantu futhi inenhloso yokugxilisa intando yeningi kubantu. Esephendula imibuzo yomphakathi uthe loluhlelo ngeke luze luphumelele ngaphandle kwabantu. Uthi abantu yibo abaletha izimpendulo nokuhlakanipha okwenza kube lula ukubhekana nezinkinga. Uthe abantu akube yibo abasekhaleni lokulwisana nobugebengu kanye nezidakamizwa. Uthi abukho ubugebengu obungaqhubeka

emphakathini kube kungazi muntu ngakho. Uthe yingakho umphakathi kufanele ubike izigilamkhuba emaphoyiseni. Esephetha uncome kakhulu ubuciko namakhono okulendawo, wabuye wazibophezela ukuthi uzokwenza imizamo yokuthuthukiswa kwamakhono entsha. Ebhekise kulaba ababhebhezela imibhikisho enodlame uthe akakaze abone nakanye lapho abantu abashisa izikole, becekela phannsi impahla nezakhiwo zomphakathi kukhona abakuzuzayo. Uthe abantu abaxoxisane kahle noHulumeni ukuxazulula izinkinga ngaphandle kodlame.



IKHABHINETHI YESIFUNDAZWE ESITHOMBENI KUSUKELA NGAKWESOBUNXELE EMUMVA: UNgqongqoshe wezeMfundo: **Mthandeni Dlungwana**, UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha koMphakathi nokuXhumana: **Mxolisi Kaunda**, uNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka: **Bongi Sithole-Moloi**, uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa Kwezindawo eziseMakhaya: **Themba Mthembu**, uNgqongqoshe wezezimali: **Belinda Scott**, uNgqongqoshe weZemisebenzi Yomphakathi kanye noKuhlaliswa kwaBantu: **Ravi Pillay**, **ABAHLEZI PHANSI PHAMBILI KUSUKA KWESOBUNXELE:** UNgqongqoshe wezeMpilo: **Sibongiseni Dhlomo**, UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa komnotho, Ezokuvakasha neZemvelo: **Sihle Zikalala**, UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal: **Thembinkosi Willies Mchunu**, uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi: **Weziwe Thusi**, uNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo: **Nomusa Dube-Ncube**

UBUHOLI OBUSHA BESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL BUDLISE NGESIPILIYONI KANYE NEJUBANE UKUFEZA IZIDINGO ZABANTU

IKhabhinethi yesiFundazwe inomsebenzi onzima oyihlalele wokwenza isiqiniseko sokuthi izinhlelo zikaHulumeni zihamba kahle ngaphandle kwamaginxiginx.

SIBUSISO MAGWAZA

Ubuholi obusha obubunjwe nguNdunankulu uMhlonishwa u-Willies Mchunu, nobusanda kwethulwa ngokusemthethweni kusona sonke isifundazwe idlise ngesipiliyoni kanye nejubane ekufezekiseni izidingo zabantu.

IsiFundazwe saKwaZulu-Natal sakhawe ngabantu abangaphezu kwezigidi eziyishumi kanti iningi lihlahla ezindaweni ezisemakhaya nasezindaweni ezisadinga ukuthi uHulumeni angenelele ukuze

kuphuculwe izimpilo ngokushesha. Yingakho iKhabhinethi elisanda kubunjwa kuthe kungakapholi maseko oNgqongqoshe bese begcwele kuzona zonke izinkalo ukubhekana ngqo nezinselelo zesifundazwe ukuze kulethwe impilo engcono kubantu.

Amakhono ahlukahlukene koNgqongqoshe iwona aqinisa idolu futhi anika ithuba lokuthi kuzohanjwa ngejubane elikhulu ukuthuthukisa isiFundazwe.

Iningi kwiKhabhinethi kaNdunankulu lakhiwe yintsha

esemazingeni obuholi obuphezulu kuKhongolose, kusona isifundazwe kanti linomfutho okukhombisa ngokusobala ukuthi ukushintshwa kwezimo zomnotho kanye nenhlalo-mpilo yabantu kuzoba seqhulwini ezinhlelweni zesiFundazwe.

“IKhabhinethi yesiFundazwe inomsebenzi onzima oyihlalele wokwenza isiqiniseko sokuthi izinhlelo zikaHulumeni zihamba kahle ngaphandle kwamaginxiginx” kusho uNdunankulu.

Ngaphezu kokuthi isifundazwe saKwaZulu-Natal senza kahle kakhulu uma kuza ngasekulethweni kwezinsiza kubantu, njengoba kufakazelwa ucwaningo olusanda kukhishwa (Citizen Satisfaction Survey) oluthi abantu abangaphezu kuka 64% banelisekile ngendlela uHulumeni aletha ngayo izidingo, kodwa ukungena koNgqongqoshe abasebasha kubukeka kuzoletha umfutho omusha. Lokhu kufakazelwa yinkulumo kaNdunankulu ngenkathi enza

isimemezela lapho athi ukusheshiswa kokulethwa kwezidingo kubantu yiyonanto ebalulekile kuHulumeni awuholayo.

Izingqapheli eziningi zilamukele iKhabhinethi entsha kanti ziphawule ukuthi ikhombisa ubumbano. Esikhathini esincane oNgqongqoshe abasha bengenile sebebokakale ezindaweni eziningi benza imisebenzi kaHulumeni.

Abantu besiFundazwe saKwaZulu-Natal bazobhamba bakholwe ukulethwa kwezinsiza kubo ngokushesha.



RAPE IS A CRIME

365 Days Anti-Women Abuse Campaign

UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX



ISITATIMENDE SEKHABHINETHI YESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL

Ucwaningo luveze ukuthi nakuba ingxenye engu 64% wabantu besifundazwe ujabulile ngezinsiza ezivela kuHulumeni, abangu 36% abenelisekile.

Khabhinethi yesifundazwe ibe nomhlangano wayo ojwayelekile ngoLwesithathu lwangomhlaka 15 June 2016 yathatha lezinqumo ezilandelayo: Ukucubungulwa kwezinsolo zokungahambisi kahle ekwabiweni kwezindlu zesibonelelo sikaHulumeni.

IsiFundazwe saKwaZulu-Natal singesokuqala ukwenza ucwaningo olubheke ukuthi abantu besifundazwe baneliswe kanjani ngoHulumeni.

Lolucwaningo lwenziwe ngokubambisana neStatistics South Africa kanti isampula lawo bekuyizakhamuzi ezibalelwa ku 22 000. Ucwaningo luveze ukuthi nakuba ingxenye engu 64% wabantu besifundazwe ujabulile ngezinsiza ezivela kuHulumeni, abangu 36% abenelisekile.

Lolucwaningo luveze ukuthi yiziphi izinto izakhamuzi ezizibona zibalulekile nezifuna ukuthi uHulumeni azilungise.

Eqhulwini kube ukwandiswa kwamathuba emisebenzi, ukunikezwa kwezindlu kubantu kanye nokuqedwa kobugebengu kanye nenkohlakalo.

UMkhandlu kaNdunankulu ube usunquma ukuba ungenelele ekulweni nenkohlakalo ekwabiweni kwezindlu zesibonelelo.

Lokhu kwenziwa ngoba kunezinsolo zokuthi kunenkohlakalo ehambisana nokwenzelelwa ekwabiweni kwezindlu, nezinsolo zikuthi amakhansela abuye azidayise.

Okunye okutholwe oNgqongqoshe ukuthi kunezinsolo zokuthi indlu eyodwa yabelwa imindeni eminingi kanti lokhu kudala isixakaxaka.

IKhabhinethi iyayixhasa imizamo eyenziwa uMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu ihlangene neMaurice Webb Race Relations Institute eseNyuvesi yaKwaZulu-Natal ukuze iphenye ngezinsolo kanti loluphenyo kulindeleke ukuthi luphele ngoFebhuwari ka 2017.

UKuhluzwa kolwandle ukuze lube amanzi angaphuzwa. Ukuhluzwa kolwandle lukhishwe usawoti ngenhloso yokuthi luphuzwe njengamanzi ngomunye

wemizamo kaHulumeni wesiFundazwe wokubhekana nesomiso esikhungethe isifundazwe. Njengamanje isimo samanzi esifundazweni simi kanje: Amanzi emifula namadamu angu 77%, Amanzi ahluzwe abesebuyiselwa ukuze asetshenziswe angu 14% kanti avela emhlabeni kuma boreholes angu 9%. Ngenxa yalesisomiso kubonakale kubalulekile ukuhluzwa kolwandle ukuze kube namanzi asebenzisekayo. Kube sekuqokwa ithimba elizobhekana nesimo samanzi esifundazweni eliholwa nguNgqongqoshe uNomusa Dube-Ncube, asizwe yilaboNgqongqoshe abalandelayo. MEC Mthandeni Dlungwana, MEC Themba Mthembu kanye no MEC Belinda Scott. Ukuqokwa Kosihlalo BamaKomidi.

UNDunankulu uWillies Mchunu uthe lamakomidi abaluleke kakhulu ukuphucula izinhlelo zikaHulumeni, izinqumo kanye nokuhanjiswa kwezidingo kubantu. Okunye okubalulekile ukweza izinhlelo zikaHulumeni zihambisane nokubheka ukuthi konke kuhambakahle.

Isigungu sikaNdunankulu sikhethe laboNgqongqoshe abalandelayo:

- Imibhikisho Yomphakathi – uNgqongqoshe Mxolisi Kaunda
 - Imicimbi Emikhulu – uNgqongqoshe Sihle Zikalala
 - Izinhlekelele – uNgqongqoshe Nomusa Dube – Ncube
 - Ikomidi Lesabelo-Mali – uNgqongqoshe Belinda Scott
 - Ubudlelwano Nezangaphandle- uNgqongqoshe Sihle Zikalala
 - Ukuhlelwa Kabusha Komnotho – uNgqongqoshe Sihle Zikalala
 - Ukuhlelwa kwamabhezini kaHulumeni – uNgqongqoshe Belinda Scott
 - Ikomidi Lokuhlela ezolimi – uNgqongqoshe Bongi Sithole – Moloi
 - Ozobhekana NeNgonyama Trust – uNgqongqoshe Nomusa Dube – Ncube
 - Ukubumbana Komphakathi – uNgqongqoshe Ravi Pillay
- IKhabhinethi ibuye yagunyaza ukubunjwa kwamakomidi azoholwa

ngosihlalo abalandelayo:

- EZokubusa Nokwengamela – uNdunankulu Willies Mchunu
- EZomnotho neNgqalasizinda – uNgqongqoshe Sihle Zikalala
- EZokuvikelwa nokuThuthukiswa koMphakathi – uNgqongqoshe Weziwe Thusi
- EZomthetho nokulwa noBugebengu – uNgqongqoshe Mxolisi Kaunda

Kubuye kwagcizelelwa ukuthi iminyango yeZolimo nokuThuthukiswa kwezindawo Zasemakhaya kanye noMnyango weZokuvikelwa koMphakathi bayingxenye yekomidi lezokuBumbana komphakathi (Social Cohesion).

UNDunankulu umemezele ukuqokwa kwamaDistrict Champions ohlelo luka Operations Sukuma Sakhe:

UNDunankulu Willies Mchunu – Uthukela

uNgqongqoshe Sihle Zikalala - uMkhanyakude

uNgqongqoshe Nomusa Dube-Ncube – eThekwini

uNgqongqoshe Sibongiseni Dhlomo – Amajuba

uNgqongqoshe Weziwe Thusi – uGu

uNgqongqoshe Ravi Pillay – Harry Gwala

uNgqongqoshe Belinda Scott – uMgungundlovu

uNgqongqoshe Themba Mthembu – uMzinyathi

uNgqongqoshe Mxolisi Kaunda – Zululand

uNgqongqoshe Mthandeni Dlungwana – iLembe

uNgqongqoshe Bongi Sithole-Moloi – uThungulu

Kanti kubikwe ngenqubekela phambili eHostela lase Glebelands. Lenqubekela phambili yenziwe ukubambisana phakathi kwethimba loNgqongqoshe lisebenzisana namaphoyisa kanye noMasipala weTheku. IKhabhinethi ibuye yavuma ukwakhiwa kwethimba lokuxixisana kokuletha ukuthula. IKhabhinethi ibuye yagcizelela umbono wayo wokwenza isiqiniseko sokuba nguHulumeni obhekana nezidingo zabantu futhi onakelela sonke isizwe ikakhulukazi omama nezingane.



21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE DURBAN ICC • 18-22 JULY 2016

“Strengthening the Fight Against HIV and AIDS Pandemic”

ACCESS • EQUITY • RIGHTS NOW

UZOWUKHOMBA ONOTSHWALA OCWASA NGOKWEBALA

Ubandlululo nokubhekelwa phansi kwabamnyama abamhlophe sasithi sikungcwabile ngenkathi siyovota ngonyaka ka-1994

SIYABONGA MAPHUMULO

Uzidonsele amanzi ngomsele ongumnini wendawo yokuhlala eSodwana Bay ogwini olusenyakatho nesifundazwe oshaya phansi ngonyawo ukuthi abamnyama abavumelekile endaweni yakhe nokuyinto athi uvunwa ngisho ibhayibheli kuyo. Lokhu kulandela ukuthi uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uSihle Zikalala evulele u- André Slade onguminini weSodwana Bay Guest House amacala amathathu okungelokucwasa ngokwebala, ukuhweba ngokungemthetho kanjalo nokungayikhokhi intela kahulumeni.

Lamacala avulwe esiteshini samaphoyisa eMbazwana ngeledule kulandela ukuthi uNgqongqoshe uZikalala etheleke mathupha eSodwana Bay nokuyilapho afike wakhuluma khona nosomabhizinisi bendawo kanjalo nomphakathi mayelana nesenzo sika-Slade nesesinyakazise iNingizimu Afrika yonke. Lo mlisa othi akachezuki nakancane kwelokuthi abamnyama abavumelekile endaweni yakhe uthi kulotshwe



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa komnotho, Ezokuvakasha neZemvelo uMnu Sihle Zikalala

ngisho nasencwadini engcwele ukuthi abantu abamnyama badalelwa ukuthi babe ngaphansi kwabelungu. UNgqongqoshe uZikalala owayehambisana neNkosi uZikhali kanjalo nezikhulu eziphezulu zikahulumeni watshela abebethamele umhlangano ukuthi kuyethusa ukuthi yize sekwedule iminyaka engamashumi amabili

nambili elakuleli lazuza inkululeko kusenabantu abanenzondo nokucwasa okwesabekayo njengaye lo mlisa wakwa-Slade. “Ubandlululo nokubhekelwa phansi kwabamnyama abamhlophe sasithi sikungcwabile ngenkathi siyovota ngonyaka ka-1994 kanti nomthetho-sisekelo wakuleli ukubeka ngokusobala

ukuthi akuvumelekile ukucwasa eNingizimu Afrika.

Kuyasidumaza-ke nokho ukuthi sizithola sibhekene nesinye futhi isigameko senkulumo egcwele inzondo kulesisifundazwe,” uZikalala usho kanje. Kanti kwaphinde kwahlaluka nokuthi iSodwana Bay Guest House yephula imithetho yokuhweba njengoba yayibhaliswe njengendawo yokuthuthukisa amakhono kepha yabe isihweba njengendawo yokuhlala izivakashi kanti futhi injalo nje kayiyikhokhi nentela njengoba kufanele kwenze amabhizinisi asebenzela inzuzo.

Ngaleyondlela uNgqongqoshe uZikalala wabe esebabela esiteshini samaphoyisa endawo nokuyilapho afikea khona wavula amacala amathathu abhekiswe kumnini waleyandawo.

Iphawula Inkosi uZikhali yathi yize ingeke yakudalula okuningi mayelana nezinyathelo ebingathanda zithathelwe lo mlisa otshengise inzondo ebhekiswe esizweni kwazise sekuvulwe icala nabomthetho, bekungakuhle ukuthi yenziwe isibonelo ukuze nabanye okungenzeka ukuthi banenhlese yenzondo nobandlululo kepha abazifihlile bafunde isifundo.

“Sekukaningi sizwa izigameko

zokuhlukunyezwa kwabantu bakithi lapha endaweni nokuyinto esingeke sayibekezelela kwazise sikholelwa ekutheni sonke siyizakhamuzi saseNingizimu Afrika futhi sinamalungelo afanayo.” Eqhuba uNdabezitha wathi usishayela ihlombe isenzo sikaNgqongqoshe uZikalala sokuthi alusukumele phezulu loludaba kwazise abantu endaweni bahlukumezeke kakhulu ngalo.

UNgqongqoshe uZikalala waphinde wancoma umphakathi waseSodwana Bay namaphethelo ngokuziphatha kahle yize uhlukumezekile.

“Sithanda ukuncoma siphinde sibonge emphakathini ngokuziphatha ngendlela ungenzi izenzo zokudlova kumbe ucekele phansi impahla kahulumeni ukuze utshengise ilaka lawo kwazise lokho akulungisi lutho kunalokho kubuyisela emuva imizamo kahulumeni yokwenza ngcono izimpilo zabantu.

Siyathembisa ukuthi sizophenya ngazo zonke ezinye izikhalo ezivezwe umphakathi mayelana nempatho yabanye abaqashi lapha endaweni kanti sizobuya kungekudala ukuzobika ngemiphumela yophenyo lwethu,” kusho uKhuzeni ephetha.

Kunxuswe izinkampani ezizimele ukuba ziphonse esivivaneni kutakulwe izinhlangano ezingenzi nzuzo



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ethula inkulume emhlanganweni nezinhlangano ezingenzi nzuzo, Kanye nabantu abanokukhubazeka.



Izinhlangano ezingenzi nzuzo nezabantu abanokukhubazeka zithole ithuba lokuxoxisana noMnyango Kanye noNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, mayelana nokuphucula amaxhama okuxhumana.

MINENHLE MNCWANGO

Noma isimo somnotho singesihle, kodwa uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi awusoze walishaya indiva iqhaza lezinhlangano ezingenzi nzuzo.

Lokhu kushiwo uNgqongqoshe uWeziwe Thusi, ngesikhathi ephothula umkhankaso wakhe wokuxhumana nezinhlangano ezingenzi nzuzo (Non Profit Organisations), kanye nezalabo abanokukhubazeka ebesibanjelwe eMnyangweni weZemisebenzi yoMphakathi, e-Mayville, maphakathi neTheku.

Kulomhlangano izinhlangano zizwakalise ukubonga okukhulu njengoba zithole ukukhushulelwa ngo-6% isabelomali eziyithola nyangazonke eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMphakathi.

Kulomhlangano izinhlangano zinikezwe ithuba lokuba zibe nemibuzo nokubika izinkinga ezihlangabezana nazo.

UNgqongqoshe uThusi ube esephendula imibuzo ebikhona ihambisana nenkulumo yakhe yosuku. Ekhuluma uNgqongqoshe kulomhlangano ubeke kanje: “NjengoNgqongqoshe waloMnyango ngethula isabelomali esishayamthetho saphasiswa mhla zingu-15 kuNdasa.

Isabelomali soMnyango asanele ukuba sinakekele ngokwanele, kodwa inhlangano uma ithola isitifiketi esisemthethweni lokho kusho ukuthi isingangqongqoza

nakwezinye izindawo. Kubalulekile ukuba singabheki uhulumeni yedwa, kodwa nezimboni ezithile zinganikela uma inhlangano ingqongqoza khona.”

Zibe khona izikhalazo ezibikiwe ezifana nokungafakwa kwemali ngesikhathi esilindelekile, impatho engeyinhle kulezo zindawo ezigcina abanokukhubazeka, amakhaya abadala namakhaya agcina abantwana, izipoki zezinkulisa kodwa ezithola imali eMnyangweni, nokunye.

Ephendula lapha, uNgqongqoshe uThusi uzwakalise ukukhathazeka ngenkinga yokungafakwa kwemali ngesikhathi, wabe eseyalela iNhloko yoMnyango, uNkosazana Nokuthula Khanyile, ukuba abhekane nale nselelo.

UNgqongqoshe uThusi uthetha: “Mayelana nokufakwa kwemali sekwedule isikhathi, iNhloko yoMnyango izolulandelela lolu daba ukuthola inkinga edala leso simo. Kweyezinkulisa eziyizipoki, siyanxusa ukuba kubikwe ehhovisi lami ukuze siphenye ngoba kuloMnyango asihambisani nenkohlakalo.

Kuzokhumbuleka uMnyango ubhekene nezinsalelo ezifana nalezi njengoba ngisanda kuvala ihhovisi eMpangeni ngenxa yosonhlalakahle ababenza inkohlakalo bedla imali yezibonelelo zezintandane.” Kanjalo nabanokukhubazeka

abasalanga ngaphandle ekuzwakaliseni izinkinga ezibahluphayo.

Ezinye zalezi zinkinga zabantwana abanokukhubazeka ukuthi kuba nzima ukuya esikoleni njengoba zingekho izinto zokuthutha ezihlinzekelwe bona, ikakhulukazi labo abahamba ngezihlalo ezinamasondo, othisha abangaqeqeshekile ukufundisa izingane ezinokukhubazeka, izikhungo zemiphakathi ezingenandazo izindawo zokungena abanokukhubazeka, ukushoda kwezikole zabanokukhubazeka, njalo njalo.

Ube esekubalula ukuthi ezinye zezidingo zidinga iMinyango ibambisane ukuze kutholakale izisombululo.UNgqongqoshe ubuye wamemezela ukuthi kuzokuba khona isithangami esizohlala maduzane esizobe kungesesifundazwe lapho kulindeleke yonke iMinyango kahulumeni ibe khona.

UNgqongqoshe ubuye wakhombisa ukukhathazeka mayelana nesifunda sase-iLembe esisalele emuva kulezi zinhlelo, ngaphambi kokuba ethule izindaba ezimnandi.

“Maduzane sizovula izikhungo ezimbili ezinakekela abantwana nentsha (Child & Youth Care Centres) kanye nezinkulisa eziyi-15 ezindaweni ezakhele isifunda iLembe.”

UMNYANGO UZIMISELE UKUFUKULA INTSHA, KUSHO UNGQONGQOSHE UTHUSI

UMnyango unezikhungo ezimbili esiFundazweni, okubalwa Iscabazini Youth Development Academy ngaphansi kukaMasipala waseMkhanyakude, ocija intsha ngamakhono ahlukahlukene.

Intsha ibiphume ngobuningi bayo eNanda namaphethelo uhulumeni eya kubantu kubungazwa intsha ephalamende layo laminyaka yonke.

UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi esiFundazweni ubuyingxeny ebalulekile yaleliphalamende enkundleni yezemidlalo, i-John Langelibalele Dube, muva nje.

Kwezinye izinto ebezenzeka kulomcimbi bekuqwashiswa intsha ukuba ifunde ukuzimela. Izinkulumbo eziningi bezibhekiswe kwintsha yamantombazane ekutheni ingazibandakanyi nama-“blesser.”

UNGqongqoshe uThusi uthe uMnyango wakhe unezinhlelo ezahlukahlukene zokuthuthukiswa kwemiphakathi, ikakhulukazi ezindaweni ezisemakhaya, ngoba yizona izindawo ezidinga

ukuthuthukiswa.

Uqhube wathi uMnyango wakhe awugcini ngokuthuthukisa imiphakathi kuphela, kodwa nentsha uyayithuthukisa.

Uthe uMnyango uyayiqeqesha intsha ukuba izimele kwezamabhizinisi njengoba inhlosongqangi kuwukuyithuthukisa ngazo zonke izindlela. Uthe, “UMnyango unezinhlelo eziqhubekayo zokulwisana nezidakamizwa ukuze intsha yethu iyeke ukuzibandakanya nazo.

“Kunezikhungo zokusiza abanenkinga yezidakamizwa ezaziwa ngama rehabilitation centre, ezixhaswe uMnyango.

“UMnyango unezikhungo ezimbili esiFundazweni, okubalwa Iscabazini Youth Development Academy ngaphansi kukaMasipala waseMkhanyakude, ocija intsha ngamakhono ahlukahlukene.

“Iphinde iqeqeshe intsha

ekuziphatheni kahle, ibuye iqeqeshe intsha ngezifundo eziphathelele nokupheka kuso lesi sikhungo.

Kunezinkulisa ezingaphakathi kwesikhungo ukuze izingane zibe nemfundo eseqophelweni elifanele.

“Kunesinye futhi isikhungo esizinze eShowe esibizwa ngokuthi iVuma Youth Development Academy, esiqeqesha intsha ngamakhono ahlukahlukene.

“SiwuMnyango izinhlelo zethu zibandakanya nentsha ngoba intsha iyikusasa lesizwe, futhi intsha ingabaholi bakusasa,” kusho uNgqongqoshe uThusi.

Uthe kunezinhlelo zokunika intsha amandla kumabhizinisi abo bewuMnyango, waqhuba wathi kunezinhlangano ezingenzi nzuzo uMnyango ozixhasayo ngemali ukuze kusizakale umphakathi ngoba uMnyango uzimisele ukuwusiza ngayo yonke indlela.



Ingxeny yentsha ebihambele iphalamende.

Kwethulwe ucwaningo ngentsha abafundi baseVuma begogoda ezifundweni zabo

Uwushayele ihlombe umphakathi waseShowe umsebenzi kaNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, wokushintsha izimpilo zentsha ngokuqeqeshelwa amakhono.

Lokhu kwenzeke emcimbini lapho uNgqongqoshe ebehlangele nabafundi, abazali kanye nomphakathi, eVuma Youth Development Academy, eShowe, eNyakatho nesiFundazwe, kubungazwa abafundi besilisa abaphothule izifundo zabo zamakhono ahlukahlukene esikhathini esingangezinyanga eziyisithupha, okubalwa kuzo ukulungisa amapayipi amanzi, ugesi kanye nokupheka.

Ethula inkulumbo yakhe, uNgqongqoshe uThusi uthe: “Namhlanje sizobungaza siphinde sizojabula kanye nani, sijabulela izingane zenu njengoba sezilucedile uqeqesho ebeziqhubekile.

Lokhu kuphinde kuqondane nokugujwa kwenyanga yabantu abasha.

“Nazo lezi zingane esizozibungaza namhlanje zibhekane nezinsalelo eziningi ngaphambi kokuba ziphuthule izifundo zazo. IVuma ikwazile ukuguqula izimpilo zalaba bantwana.

“Intsha yanamhlanje ikhululekile, kodwa futhi zisekhona izinselelo

ebhekene nazo. Kusanenselelo kwisimo sezemfundo. Amakolishi namaNyuvesi ayivulile iminyango njengoba nohulumeni esezenzile izaba zokunikeza uxhaso lwezezimali.

“Ukusetshenziswa kwezidakamizwa, njengoba sezingasekho emadolobheni kuphela, kungenye yezinselelo ezinkulu ekulawuleni ikusasa lentsha. Abazidayisayo babulala ikusasa lezingane zethu.

Yingakho singazibekile phansi singuMnyango, sibhukula ngokuletha izinhlelo ezifana nalezi zaseVuma.

“Intsha ibhekene nenselelo yokuzibandakanya ocansini nokukhulelwa kanye nesilingo sama-blesser,” kusho uNgqongqoshe uThusi.

Uphinde wethula ucwaningo olwenziwe uMnyango wakhe ngonyaka wesabelomali sika-2015/2016, olubizwa ngokuthi, “Isimo sabantu abasha balesi sifundazwe,” olubheka indlela intsha eziphilisa ngayo.

“Umcimbi wakulonyaka udle ngokuhluka ngoba ngizokwethula ucwaningo olwenziwe eMnyangweni wami oluthinta yona intsha, nolucacisa ngezimo eziyithintayo nendlela okumele singenelele ngayo singuMnyango.

“Ucwaningo olwenziwe uMnyango luyakufakazela lokhu esengikubalulile.



Lolu cwano lwenziwe entsheni engu-1783 eneminyaka ephakathi kuka-15 no-35. Luveza ukuthi intsha iqala ukudayisa ngomzimba isineminyaka engu-14.

Luphinde luveze ukuthi intsha eningi ayinabo obaba. Ucwaningo luphinde lwaveza ukuthi u-81% wentsha ayisebenzi, iningi lentsha liziphilisa ngokuthola amatoho kanye nesibonelelo sikahulumeni. Intsha eningi yabesifazane iziphilisa ngocansi futhi icwila ezinkambeni zikaFaro,” kuqhuba uNgqongqoshe uThusi.

“Lolu cwano lusho ukuthi kumele nakanjani sizisabalalise izinhlelo ezifana nalezi zokuqeqesha intsha ngamakhono. Imfundo iyisisekelo sempilo.

UHulumeni uwavulile amathuba ukuthi nifunde. Sizivulile nezinhlelo ezifana nalezi zaseVuma.

“Ngaphezu kwalezi zitifiketi abazozithola namhlanje, laba bantwana baphinde bafundiswa ukuba ngabaholi, indlela efanele yokuziphatha, ukuphatha amabhizinisi, ukushayela, abanye baphuma nazo izincwadi zokushayela kanye nokusebenzisa amakhompyutha.

Abanye balaba bantwana baqoke ukuqhubeka bafunde. Selwenziwe uhlelo lokuqhubeka bafunde eMfolozi TVET College,” kusho uNgqongqoshe uThusi.

Ubabekazi womunye wabafundi abagodile, uNkosazana Nomusa Ndlovu, odabuka e-Escourt,

nophinde abe ngusingamzali kuMnumzane Sifiso Ndlovu nezingane zakwabo ezinhlanu, naye ufakazise ngoshintsho alubonayo enganeni kamfowabo ongasekho ebiquqeshwa eVuma, athe isihlonipha izingane zakubo kanye nomphakathi ngendlela abangayejwayele.

“Ngendlela ezimisele ngayo ngempillo, kulezinsuku nje esekhaya uthintane nenkontileka ekhona endaweni njengamanje ezofaka amanzi, nokulindeleke ukuthi aqale ukusebenza kuyo.

Sebeme ngesitifiketi sakhe lesi azosilanda namhlanje se-plumbing, bese eyaqala ukusebenza,” kusho uNkosazana Ndlovu.



“Intsha ibhekene nenselelo yokuzibandakanya ocansini nokukhulelwa kanye nesilingo sama-blesser, Thusi”

UNGqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi. Weziwe Thusi

KUFANELE NIBE AMANXUSA EZOLIMO” KUSHO UNGQONGQOSHE UMTHEMBU

■ Njengoba sisebenzisana nje, kubhekeke ukuthi silawulwe wumhlahlandlela weqembu elibusayo kuhulumeni wesifundazwe okuyiwo oyosiholela empumelelweni ebhekeke kithina.

U Ndunankulu wesifundazwe saKwaZulu-Natali uMnu Willies Mchunu umemezele ngokusemthwethweni ukuhlelwa kabusha kweKhabinethi yesiFundazwe.

EmNyangweni wezoLimo ezoKuthuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya kumenyezwele uNgqongqoshe omusha walo mnyango uMnu Themba Mthembu okade engusihlalo wekomidi elibhekelele ukusebenza komnyango wezoLimo NokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natal UMnuz Mthembu – ongowokudabuka endaweni yakwaMhlabuyalingana – uqokwe wuNdunankulu wesifundazwe uMnuz Willies Mchunu ukuthi asebenze njengongqongqoshe omusha woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya.

Ngaphandle kokupholisa amaseko uNgqongqoshe uMthembu ube nomhlangano nabasebenzi bomNyango weZolimo ekomkhulu lomNyango eCedara.

Ethula inkulumo yakhe yokuqala kulomhlangano uMnu Mthembu uncome kakhulu igalelo lalowo amelamayo ekuphatheni lomnyango uMnuz Cyril Xaba ngokumhlelela isisekelo esisimeme ekuphathweni kwalomnyango ikakhulukazi ngokusungula izinhlelo ezintsha zokuphatha umnyango. Ethula inkulumo yakhe kwizinkumbi zabasebenzi

uNgqongqoshe uMthembu uthe lomnyango uwazi kabanzi kwazise kade esebenzisana noXaba ngesikhathi engusihlalo wekomidi elengamele ukuphathwa kwalomnyango.

“Njengoba bengivele ngikade ngingusihlalo wekomidi lezolimo, ngizazi zonke izinkinga nezingqinamba zenu nalomnyango.

Yikho nje ngizimisele ngokuthi silekelelane ukuthi sibuyisele umnyango endleleni efanele ezohlomulisa imiphakathi yethu,” kusho uMnuz Mthembu.

UNGqongqoshe uMthembu unxuse abasebenzi bomNyango wezoLimo ukuthi bazinikele emsebenzini wabo futhi babe amanxusa ezolimo.

“Njengoba sisebenzisana nje, kubhekeke ukuthi silawulwe wumhlahlandlela weqembu elibusayo kuhulumeni wesifundazwe okuyiwo oyosiholela empumelelweni ebhekeke kithina.

Lohulumeni esikuwo unesibophezelo sokuqinisekisa inkululeko nokuphuculwa kwezimpilo zemiphakathi esiyibhekelele,” kusho uMnuz Mthembu ophinde waphosela bonke abasebenzi bomnyango inselelo yokuthi baqinisekise ukuthi ushinhso luyenzeka kwezolimo.

UMnuz Mthembu ubalule kakhulu uhlelo lokuqinisekisa ukuthi ukudla kuyatholakala ukuze kungabi khona namunye umndeni obhuqwa bhuqwa yindlala.

“Inselelo enkulu esibhekene nayo ilena yamanani okudla anyuka



cishe zonke izinsuku okuchaza ukuthi kufanele kesishintshe unyawo sifunde ukuzitshalela ukudla ukuze sikwazi ukulwisana nokwenyuka kwamanani okudla,” kusho uMnuz Mthembu Enkulumweni yakhe uMnuz Mthembu – odume kakhulu

ngokuba yisishosho vu sezinyunyana - ucacisele abasebenzi ukuthi yena akabhekile okuningi kubasebenzi ngaphandle kokuthi benze umsebenzi wabo ngokuthembeka. “Sinezinhlelo emnyangweni okumele ukuthi sizifeze lapha

ngaphakathi emnyangweni. Okubaluleke kakhulu wukuthi sisifeze isibophezelo sethu sokuphumelelisa lezinhlelo kanye nokwethula intuthuko emiphakathini yethu,” kuphetha uMnuz Mthembu.

Usuqalile umncintiswano womlimi ovelele

LONDIWE NGIDI

Usuqalile umkhankaso wokuvundulula kwabesifazane abavelele emkhakheni wezoLimo KwaZulu-Natali.

Loluhlelo lwaqalwa uhulumeni kaZwelonkeLe ngenhloso yokuthuthukisa abasifazane kwezolimo kanye nokuthuthukisa kwezindawo zaseMakhaya. Ilokhulu lohlelo lasungulwa luveza ukuthi umsebenzi obhekene nabesifazane usushintshe kakhulu kulesikhathi samanje kunezikhathi ezedlule, abesifazane sebebambe igxathu elikhulu ukuqinisekisa ukukhula komnotho eNingizimu Afrika kumkhakha wezoLimo.

UNGqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya uMnu Themba Mthembu uzimisele ukuthuthukisa

abesifazane kumkhakha wezoLimo ukuze bawuthathe njengebhizinisi kanye nesayensi.

Umnyango wezoLimo uzoqhubeka nokubasekela kumsebenzi abawenzayo, ukuqinisa nokunika amandla imifeladawonye nokwengezela ubudlelwane phakathi kwabalimi abasafufusa nasebezimele.

UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya usebenzisana noMnyango wezoLimo, namahlathi kuzwelonke (DAFF) waqhamuka nombono wokuqala uhlelo olwaziwa ngeFemale Entrepreneur awards, ngenhloso yokuqhuhuzela nokukhulisa ukuhlanganyela kwabesifazane abadala nentsha kanye

nabesifazane abaphila ngokukhubazeka kumkhakha wezoLimo. Labalimi bazoqhudelana ngokwezigaba zabo kwimikhakha eyisikhombisa eyehlukene okubalwa iBest Female worker in the sector, Best subsistence Producer, Top entrepreneur smallholder, Top entrepreneur Processing, Top entrepreneur commercial, Top entrepreneur export markets kanye neMEC’s special award.

Abalimi abavelele bazoklomeliswa kwindumezulu yomcimbi yesiFundazwe osingathwa kuNcwaba minyaka yonke.

Ingqikithi enkulu yaloluhlelo ukuqhakambisa ukuthi ngabesifazane abadlala indima

enkulu ekondleni imindeni, ekudaleni amathuba omsebenzi, ekukhuliseni umnotho nokuxosha ikati eziko. Loluhlelo luphokophele ukusekela ikusasa labesifazane abanamasu okuzimela ngenhloso yokuba bakhulise baze bafinyelele esigabeni sokuba abalimi abazimele ngokuphelele nabahwebela izimakhethe ezinkulu nezangaphandle.

Lomcintiswano uzoqala kwisiFundazwe sakwaZulu Natali lapho abalimi abaveza ikhono nokusebenza ngokuzikhandla kumkhakha abakuwona bezoqhubekela phambili bayoncintisana nabanye abalimi abaqhamuka kwisiFundazwe sonkana. Ithimba labahlulelile elizoqokwa lizobe libheka ukuthi

iPulazi noma umsebenzi okungenelwe ngawo uyakwazi yini ukudala amathuba emisebenzi, ukuthuthukisa umnotho, ukunakekela imvelo, indlela okusetshenziwa ngayo, ubucwepheshe, ukuqeqesha abasebenzi, indlela yokuphatha ibhizinisi, izimakhethe aziphakelayo kanye nokusebenza ngendlela enenqhubekela phambili.

Abazophuma phambili kulomcintiswano kulindeleke ukuthi bazinikela ukuba abaluleki kubalimi besifazane abasafufusa ukuze kube nenqubekela phambili kumkhakha wezoLimo.

Amafomu okungenela lomncintiswano ayatholakala emahhovisi omnyango kanye website yomNyango.



“**Lohulumeni esikuwo unesibophezelo sokuqinisekisa inkululeko nokuphuculwa kwezimpilo zemiphakathi esiyibhekelele, Mthembu**

UNGqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa Kwezindawo eziseMakhaya, uMnu Themba Mthembu

INTSHA MAYINGENE NGOBUNINGI BAYO EMKHAKHENI WEZOLIMO - MTHEMBU

SIMPHIWE NDWANDWE

Kujutshwa kukaMhlonishwa uThemba Mthembu yiKhabhinethi ukuba abhekele izinhlelo zentuthuko esiFundeni saseMzinyathi kunikeza ithemba intsha yakuleya ndawo njengalokhu ekubeka kucace ukuthi kumele nakanjani kube noguquko olunqala endleleni umnotho wendawo ofinyelela ngayo entsheni. UMnuz Mthembu, onguNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya eKZN, uveze ukuthi manje sekuyisikhathi sokuthi isukunyelwe ngazo zombili inkinga yokubukelwa phansi kwabasebenzi basemapulazi nentsha.

Uthe njengoba kuphele uJuni okuyinyanga yokubungaza iqhaza elibanjwe yintsha emzabalazweni, kuyaphuthuma ukuthi kubhekisise intuthuko yentsha kanye namalungelo abasebenzi bezindawo zasemakhaya. Ukuze aqinisekise ukuthi lokhu kwenzeka ngokuphazima, kweso uhambele eNyonyana ePomeroy ukuze ahlangane nentsha kubhungwe ngezingqinamba ezigubuzele indawo. Uthe intsha kumele ikhombise isibindi nobumbano okwakhonjiswa yintsha yangoJuni 1976 eyalwa ngokuhlanganyela nobandlululo futhi yaba neqhaza oguqukweni olwaletha intando yeningi. UMvelase uthe yinto edinga

ukuba intsha iyisukumele indaba yokuhlangana isebenzele ukuqinisekisa ukuthi indawo yaseMzinyathi iyachuma ngokuthi iqale imisebenzi eyehlukene ngokubambisana bese iphakamisa isandla ukuze uHulumeni angenelele lapho kunesidingo khona. Ukungenelela kukaHulumeni akukhona nje ukufaka imali kuphela ezinhlelweni ezahlukene, kodwa kubandakanya nokuhlomisa imiphakathi ngolwazi nokuqeqesha kwamakhono. “Injongo yethu ukuba sigqabule amaketanga obubha futhi sinikhanyisele ngamathuba eningazitakula ngawo engxakini yokuswela imisebenzi

ngokusungula amabhizinisi. Abantu abasha abaningi bakholelwa ukuthi imisebenzi isemadolobheni kanti akunjalo. Eqinisweni, ayikho imisebenzi emadolobheni kodwa ikhona lapha emakhaya,” kusho uMthembu. Njengoba kudlondlobala ukufuywa nokuhweba ngemfuyo, ikakhulukazi izimbuzi ezithe chithi saka eMsinga, abantu abasha bangahlomula ngokuthi babambe iqhaza. Uncome kakhulu iqhaza elibanjwe yintsha engaphansi kwesiFunda uMzinyathi okuyimanje yenza imisebenzi emikhulu ngokubambisana neminyango eyehlukene kaHulumeni.

Ubalule umfelandawonye owakhiwe ngabantu abatshala u-anyanisi, isipinashi ne-beetroot kanti manje bamatasa ngokuhlela ukwakha ibhizinisi lokufuya izinkukhu. Uthe kuyamjabulisa ukuthi inhlangano iGayede Youth Project yenza kahle kakhulu ekufuyweni kwezimbuzi. Le nhlangano igxile phakathi kokunye ukufuywa kwezimbuzi. UMnyango waxhasa le ntsha ngezimbuzi ezingu-200. Ukugcizelele ukuthi uHulumeni wesiFundazwe uhlabela phambili nemizamo yokuguqula isimo sabasebenzi abadonsa kanzima emapulazini kuhlanganise nentsha.

Intsha yabalimi iluphothule ngempumelelo uqeqesho lwase-Denmark

MBUSO MFEKA

UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya iyiphothule ngezinga eliphezulu inyanga yentsha ngokwamukela abafundi abaphuma koqeqeshwa ezweni lase Denmark. Umlando uyakhombisa ukuthi ukuzidela kwabafundi abazabalazela imfundo yabamnyama ikakhulukazi ngeminyaka yengcindezela ayiwelelanga phansi njengoba sekunezinhlelo ezisiza abamnyama ukuthola imfundo esezizingeni elamukelayo emikhakheni ehlukene. Ubudlelwano obuqhubekayo phakathi komNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya nesizinda sezolimo saseDenmark esibizwa nge Dalum okumele ukuthi Denmark’s Academy of Agricultural Business sekuphinde kwathela izithelo njengoba isekuphothule enye ingxenye yabafunda ababengaphansi koqeqesho ngaphansi kwalenhlangano izinyanga eziyishumi ngaphansi

kweso elijulile lochwepheshe bezemfuyo khona eDenmark. Isivumelwano sokusebenzisana phakathi kwe Dalum nomNyango saqala ngenhloso yokuqala uhlelo lokuthuthukisa nokucija intsha emkhakheni wezokufuya. Lokhu kubonakala kuhamba ngokohlelo njengoba kuyithimba lesithathu eliphothulile. Lelithimba lesisithathu libenabafundi abayishumi nesithupha abamukeliswe izitefiketi zokuphothula ngempumelelo kuloluhlelo okubhekeke ukuba baphume basebenzise ulwazi ezindaweni abaphuma kuzona. Inhloso yaloluhlelo kusekela lwaqala ukuba abafundi bathole ulwazi olunzulu ngokuphathwa kwemfuyo kanye nokuphathwa komsebenzi ngobubanzi othinta nebhizinisi lemfuyo. Loluhlelo lubukeka luzosiza kakhulu njengoba enye ingqinamba ebhekene nabalimi abasafufusa kuyinkinga yokungabi nolwazi kanye noqeqesho olwanele emikhakheni abakuyona. Ukuthola kwabo izitifiketi

kubeyisiqinesko sokuthi sebekulungele ukuphuma bayosebenza njengoba inhloso yohlelo kungubanikeza ulwazi lokwenza lomsebenzi. Kulomcimbi uNgqongqoshe womNyango uMnz Themba Mthembu ubongele labafundi ngokuzinikela kwabo bazebafike kugcineni kwaloluhlelo nokungadlali ngethuba eliyinqayizivele abalizuzile. Ungqongqoshe ukushayele ihlombe ukuzinikela nokuziphatha kwabafundi waphinde wancoma negama elihle abalishiyele eDenmark ngesiFundazwe. Lokhu kukhombisa ngokusobala ukuthi labafundi bahambe inhloso yabo icacile ukuthi kuzomele babuye beziphothulile lezizifundo ukuze bezobuya benze umehluko babambe iqhaza elkibonakalayo embonini yezolimo. “Lomcimbi nokwamukeliswa kwenu izitifiketi isiqalo nje, manje senibhekene nenselelo yokudlulisa ulwazi enilutholile ukukhulisa ezolimo, ikakhulukazi umkhakha wezemfuyo esiaFundazweni.



UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya uMnuz Themba Mthembu, nenhloko yomNyango uDkt Sipiwe Mkhize kanye nosihlalo webhodi yakwa ADA uTshitshi Mbatha, nomunye waphathi bakwa ADA uPhumla Vilakazi no Niels Jespersen we Dalum

Ingxenye engu 43 kuya 47 wamaphesenti eNingizimu Afrika ingeyabamnyama, kodwa abamnyama badlala indima encane kakhulu ezimakethe zemfuyo njengoba befaka u 5 wamaphesenti nje kuphela. Imisebenzi eminingi yabalimi abasafufusa ifadalele ngenxa yokushoda kolwazi nokungabi noqeqesho olwanele emikhakheni

bakuyo. Ngifisa nidlulisele ulwazi enilutholile luye nakwabanye abangabanga nenhlanhla njengani” Kusho uNgqongqoshe ekhuthaza labafuyi abancane. Lona omunye wemisebenzi yomNyango okhombisa ngokusobala ukuzinikela kwawo ekuthuthukiseni intsha ekubeni abalimi abesizingeni eliphezulu.

Umkhakha wokuhweba ngezimbuzi uyadlondlobala kwaZulu-Natali

SIMPHIWE NDWANDWE

UMSEBENZI womNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya wokushumayela ivangeli lokwenza umkhakha wezolimo ibhizinisi elivutha uphondo emiphakathini yasemakhaya usuqalile ukuthela izithelo. Lokhu kugqame muva nje ngesikhathi kubanjwe izindali zemfuyo emiphakathini eyehlukene ngenhloso yokuhweba ngezimbuzi. Umsebenzi wokufundisa abantu ukuba babheke ngelibanzi umkhakha wokuguqulwa komkhakha wezolimo ube iyibhizinisi uqale eminyakeni emibili edlule ngesikhathi uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya kwaZulu-Natali wethula iqhinga elisha lokusebenza elikubeke kucace ukuthi yonke into ephathelene nezolimo kumele ihambisane nokusungulwa kwamathuba ezamabhizinisi kanye

nokwakhiwa kwemisebenzi. Nakuba indawo yaseMsinga kuyiyona ebibhekwe ngamehlo abomvu emikhiqizweni yenyama yembuzi kodwa kuyahlaluka ukuthi nezinye izindawo azifuni ukusala nazo zizimisele ngokubamkaba iqhaza. Lokhu kugqame muva nje ngesikhathi kunengqophamlando yendali yezimbuzi ebiyenziwe eJozini lapho izimbuzi ezingaphezulu kuka 380 zingene endalini zathengwa okwamakhekhe ashisayo. UMnuz Khumbulani Zungu, omunye wezisebenzi zomNyango eJozini, uthe inhloso enkulu ngalezi zindali ukuthi kwakhiwe umnotho omileyo kubantu basemakhaya kusetshenziswa imfuyo yabo abavele bazinikele ukuyifuya. Uthe indlela ebe nesasasa ngayo le ndali edonse abafuyi abebevela kwaNongoma, Hlabisa, Mtubatuba nakwaMhlabayalingana ibajabulise

kakhulu futhi banethemba lokuthi nakanjani abafuyi bazokwazi ukuzenzela inzuzo bathuthuke kwezomnotho. Uthe ukubona izimoto ezinkulu zizolanda izimbuzi eJozini kule ndali kukhombisa ngokusobala ukuthi ingenzeka inzuzo ngokuhweba ngezimbuzi. Imali eqoqwe kule ndali ilinganiselwa kuR3 million kanti iya ngqo kubafuyi ababambe iqhaza. Lena bekuyindali yabafuyi basemakhaya njengalokhu kuyibona kuphela ebebegunyazwe ukufaka imfuyo yabo endalini. Ungqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya kwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu, uthi kumele kuphuthunyiswe izindlela eziphusile zokuphendlela intsha indlela yokungena shi kwezolimo ikakhulukazi kwezemfuyo. Njengoba kusungulwe isizinda sokugcina imininingwane kwi-

website yomNyango lapho abasha beshiya khona iminingwane yabo ukuze baxhunyaniswe nabalimi abadinga abantu abanamakhono. Uthe intsha ayingabe isananaza futhi nabalimi ababhekele imfuyo kumele babasebenzise abafundi abaneziqubano abanolwazi nobuchwepheshe bakamuva ngokuphathwa kwemfuyo. UMnuz Mkhishwa Ndlovu, onguSihlalo weNhlangano yabafuyi baseJozini, uthe kubathokozise kakhulu ukusukuma kwabantu abaphuma emakhosini ayisikhombisa abasukumele phezu ukuze babambe iqhaza kule ndali. “Imali ikhona impela ezimbuzini ikakhulukazi kulezi lezi ezincane ezifuywa ngenhloso yokuzalanisa. Angiwubonge umNyango ngeqhaza olibambile ikakhulukazi ngokuhlanganisa izinhlaka ezehlukene ezisisize kakhulu ukuze sithole ulwazi esiludingayo,”

kusho uNdlovu. Uthe sekuyiminyaka emine kubanjiswene kahle nomNyango kuqhutshwa lomsebenzi wokunakekekla nokudayiswa kwemfuyo ngaloluhlobo olubangenisela imali ngendlela emangalisayo. Uthe njengoba bebona ukuthi ukufuywa kwezimbuzi kuyadlondlobala manje sebefuna kungene intsha kulo mkhakha futhi ithole amathuba amahle okufuya izimbuzi. Uthe abazibekile phansi nasekuhwebeni ngemfuyo njengalokhu sekwenziwe izindali ezine nonyaka lapho kudayiswa khona izinkomo nakhona okubonakala kukhona okukhulu ukudlondlobala. Ukusebenza kukaHulumeni ukuncome kakhulu njengalokhu ethi kube nomkhulu umthelela ekuthuthukiseni kwabalimi kuleya ndawo.

KUNCONYWE INTSHA YASETHEKWINI ESIKHATHELE UKUBA IZIGQILA ZEZIDAKAMIZWA ESEZIKHIPHE IMIPHEFUMULO KWAMASHU

ZINHLE GWAMANDA NOMINENHLE MNCWANGO

Intsha yaKwaMashu engamashumi amathathu isizilethe yona eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMphakathi ukuzothola usizo lokuyeka ukuba yizigqila zezidakamizwa. UNGqongqoshe waloMnyango ezingeni likaZwelonke, uNkosazana Bathabile Dlamini, ukhulume nezinkumbi zabantu eThekwini, emcimbini owaziwa ngeMinisterial Community Outreach Porgramme (Project Mikondzo), obusesigcemeni sakwa-C, ezinkundleni zemidlalo. UNkosazana Dlamini uthe intsha engu-25 kulena ezilethile izothola ukusizakala ukuba ihlukane nombulalazwe wesidakamizwa esaziwa nge mercedes osuthathe imiphefumulo yentsha kulendawo, kanti enhlanu (5) yona iye yafakwa ezikhungweni zaloMnyango lapho ithola amakhambi kanye neziyalo

ukuze yehlukane nokuphila impilo eyame kwizidakamizwa. “Siyabancoma laba abathi sebekhathele yilesi sidakamizwa okuthiwa yi-mercedes,” kusho uNgqongqoshe uDlamini. “Musani ukuhehwa yizigebengu ezifuna ukukhinyabeza izwe lethu ngokubulala intsha.” Uchaze wathi uMnyango ukhipha imali engango-R120 billion ngonyaka eyizibonelelo zabantwana, kanti izingane ezihlomulayo kuleyo mali zingango-12 million. “Umehluko awubonakali ngoba lemali isetshenziiswa ngendlela okungeyona ngoba omama bezingane bayayithatha benze ngayo amakhanda, kanti uma ecetshwa owenza lokhu ingasuswa egameni lalowo oyixhaphazayo iyiswe egameni likagogo wezingane,” kusho uNgqongqoshe uDlamini. Utshele abantu abeqhamuka ePhoenix, Inanda,

Ntuzuma kanye nakwaMashu, ukuthi igama elithi Mikondzo lisho ukushiya umaka lapho unyathele khona njengoba enza nje uhulumeni ezimpilweni zabahlwempu. Utuse uhulumeni wentando yeningi ngokukhipha imali yabadala nyanga zonke, kanti ngesikhathi sikahulumeni wamaBhunu ibikhishwa kanye emuva kwezinyanga ezimbili. Uthe: “Izindawo zokuholela zidinga amanzi nendawo yokuzikhulula, kodwa okunye sekwashintsha.” Uthe uma umuntu omdala ethola ukuthi imali yakhe ifika ingaphelele ngenxa yokuthi sekususwe ekagesi namanzi, kumele enze isifungo emaphoyiseni ukuze ibuye imali yakhe esuke ibanjiwe ngoba abenza lokhu bakwenzela ukuba kungcofeke uhulumeni. “Sesiyisane nasenkantolo ngalolu daba lokubanjwa kwezimali emholweni, inkantolo yathi

awuphele lomkhuba,” kusho okaDlamini. “Ikhadi eliluhlaza asilazi. Elethu linezandla ezinhlanu, linemibala ka hulumeni. Elingenayo imibala kahulumeni lithathe uliphindisele kulabo abakunike lona noma ulilahle. Ubagxekile labo abathi imali yempesheni ayiyekwe ngoba yenza abantu bavilaphe, kanti benzela khona abantu bezodikibala bangamvoteli uhulumeni obusayo. Ukhwele wadilika entsheni ezivumela ukuba ikhulelwe, wathi uma kwenzeke okokuqala kusuke kuyiphutha, kanti uma sekwenzeka okwesibili kusuke sekuyisitifiketi. “Mantombazane, zihlonipheni. Yekani ukuba amabhola abafana. Bafana, hloniphani amantombazanee. Bazali, khuzani izingane, abadlwengula ogogo ababoshwe,” kusho uNgqongqoshe uDlamini. NakwaMashu ubephelezelwa

yizakhiwo zoMnyango wakhe ezihlanganisa i-National Development Agency (NDA) kanye neSouth African Social Security Agency (SASSA). Ube esenika intsha ephase kahle umatikuletsheni ithuba lokuya eNyuvesi ukuyofundela ukuba osonhlalakahle ngomfundaze woMnyango wakhe, waphinde wakhapha izitifiketi zezinhlangano ezingenzi nzuzo ukuze zisebenzeni eziphakame lapho ebebanika imifundaze yokwenza izifundo zobusonhlalakahle, nabasebefundele lezi zifundo baqeda bathole usizo. Kunikwe nalabo ababebhalisele izitifiketi zezinhlangano ezingenzi nzuzo kanye nemifelandawonye okukhona kuyo nabathungi abakhiqizela izingane ezihlwempu imifaniswano okubalwa amasokisi, amajezi, amavesti, amahembe kanye nezicathulo.

Kuphume izinkulungwane isibani senkululeko sizungeza iTheku

SIPHAMANDLA MBEWA

Ziphume ngobuningi bazo izakhamuzi zaseThekwini zazibandakanya nemigubho yezinsuku ezimbili yokubungaza isibani seminyaka engamashumi nesithupha sohulumeni wasekhaya njengoba bekuyisigamu sokucina sokuzungeza kwelambu esifundazweni. Isibani saqala ukuzungeza esifundazweni esikhathini esingangenyanga esedlule, isibani lesi sensinqamule isifundazwe kusuka kwisifunda sasoGwini kuya esifundeni saseZululand njengoba sigcine sifike ekugcineni kohambo lwaso eThekwini. Usuku lokuqala lwemigubho lwaluholwa nguNgqongqoshe wezokuThuthukiswa komphakathi esifundazweni uWeziwe Thusi, obebambele uNgqongqoshe uNomusa Dube-Ncube, iMeya yeTheku uJames Nxumalo kanye no Zandile Gumede oyilungu lesigungu esiphezulu kumasipala weTheku ophinde futhi abe yikhandidethi yesikhundla sobumeya. Indawo yokuqala abahambele kuyo iseTafuleni, eNanda, lapho

bevakashele khona umndeni wakwaNgcobo, abawugixabeza ngomuzi njengoba kwakhiwa imizi engaphezu kwezi (2000) kulendawo ukuze kunikwe amalungu omphakathi azidingayo. Isibani sizungezile futhi e – Elevate Church e – Phoenix nase Methodist Church KwaMashu, nokuyilapho abaholi abebephthe isibani bezibandakanye nabazalwane ukuthandazela ukhetho olunokuthula esifundazweni kanye nasezweni jikelele. Ngokusho kuka Ngqongqoshe uThusi, ukubakhona kohulumeni wasekhaya kwaba nomthelela omkhulu ekushintsheni indlela imiphakathi eyayithola ngayo izinsiza noma izidingongqangi. “Ezinye zezindawo ebesizivakashele ngesikhathi sizungeza nesibani ezifana no Tafuleni, Claremont kanye naKwaMashu, zazinentuthuko encane ngendlela eyisimanga kepha namuhla sibona imizi, izingane ezidlalayo kanye nemiphakathi enempilo,” kusho uThusi. Enkulumweni yakhe ayethulele amakhulu abantu enkundleni



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi uWeziwe Thusi ehambisana no Zandile Gumede iMeya yeTheku uMnu James Nxumalo ngesikhathi kuzungeza isihlonti eThekwini. Lapha ubemele uNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo uNomusa Dube-Ncube obengekho ngenxa yokudlula kwelunga lomndeni wakhe.

yezemidlalo iPrincess Magogo, iMeya uJames Nxumalo, igqugquzele imiphakathi ukuba idlale indawo yawo ekuvikeleni intuthuko ekhona kanti futhi edlale indima enkulu ekuphucuzeni

imiphakathi yaphinde yakhuphula izinga imiphakathi ehlala kuyo. “Ingozi elethwa ukusetshenziswa kwezidakamizwa emiphakathi yakithi iyona ekumele wonke umuntu asukume alwisane nayo

ukuze kuvikelwe intuthuko eze nohulumeni wasekhaya,” kusho uNxumalo. Imigubho ngosuku lwesibili iyaqhubeka eMlazi kanye naseMbumbulu.



21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE

DURBAN ICC • 18-22 JULY 2016

“Strengthening the Fight Against HIV and AIDS Pandemic”

ACCESS • EQUITY • RIGHTS NOW



UNGQONGQOSHE USHAYELE IZANDLA AMAKHWAYA ADLE UMHLANGANISO KUMNCINTISWANO WESIFUNDAZWE

THEMBEKA DLAMINI

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko uNkk Bongiwe Sithole-Moloi uncome amakwaya aphumelele kumncintiswano wesifundazwe walonyaka. Uqhakambise iqhaza elibanjwa yiloluhlobo lomculo futhi wakhuthaza ukuthi imiphakathi, kakhulukazi intsha, ibe ingxe ye yaloluhlobo lomculo ukuze lungezophela. Loluhlelo olwengamelwe uMnyango Wezobuciko Namasiko lubhekele ukuthuthukiswa kwalomculo. Ngaphambi komncintiswano uqobo uhlelo lufaka ukucijwa kwamakhono ababhidisi, ukusondeza ababhali bamaculo,

ukuthungatha nokuhlungwa kwamakwaya azongena ngalowonyaka. UMnyango Wezobuciko Namasiko ubheke ukukhulisa loluhlelo ngale kokucula kepha ukuba intsha ikwazi ukufunda ukudlala okhahlagume nokubhalwa komculo Kulonyaka amakwaya ayi-17 abedlana imilala esikhungweni i-Ugu Sports and Leisure Center ese-Port Shepstone lapho eveze khona ubuciko kwimikhakha emithathu okuyi-Development (ekungeyabasathuthuka), Intermediate (abaphakathi nendawo) kanye ne-Advanced (okungowezinkakha). Ngale kwamakwaya umncintiswano ubunabo abacula

ngabanye ama-solo nangamaqoqwana. Amakwaya aphumelele athole izindondo kanye nemali. Kwi-Development eculweni lesilungu kuwine iJoyful Sounds, belandelwa iIncome Community Choir ne St Annes Catholic choir. INdwedwe Choral iphume phambili kwiculo lesintu, yalandelwa i-Regina Coeli ne-Joyful Sounds. Kwi-Intermediate eculweni lesilungu kuhambe phambili Umtshezi Midlands South Choir ilandelwa iPrince Mshiyeni ne Thokozani Choral. Kulomkhakha kwelesintu kunqobe Umkhanyakude Choristers walandelwa iThokozani Choral nePrince Mshiyeni Choir.



Kumakhwaya ayizinkakha iSounds of Joy iwashaye amakhanda ilandelwa i-African Chorus neMayibuye Afrika.

Kwiculo lesiNtu kuhole phambili i-Sounds of Joy yalandelwa i African Chorus neMayibuye i-Afrika.

UNgqongqoshe wezobuciko namasiko usesinike ilembe isihlonti sethemba

STHEMBISO SHANGASE

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uNkk Bongi Sithole-Moloi usesidlulisele ezandleni zikamasipala weLembe enyakatho yeTheku isihlonti selangabi lokugubha iminyaka eyi 16 yombuso Wohulumeni bezindawo. UNgqongqoshe uSithole-Moloi njengeSishoshowu esiwungqaphambili kumasipala omkhulu woThungulu ogwini olusenyakatho enganeno nesifundazwe, uguduze nalesisihlonti kubona bonke omasipala abangaphansi koThungulu. Phakathi komasipala abahanjwe yilesisihlonti sisengaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe uSithole-Moloi, kubala iMfoloji, Mthonjaneni, Nkandla, Mhlathuze noMlalazi lapho sigcine khona. “Lesihlonti selangabi sinika ithemba kulabo abangakayiboni ngamehlo intuthuko, kodwa sifisa ukusho ukuthi uyancomeka umsebenzi osuwenziwe esiwubone ngesikhathi sizungeza siguduza omasipala bezindawo zasoThungulu, yize kungenele gimbici”, kusho uNgqongqoshe

uSithole-Moloi. Uthe umsebenzi wamakhansela unzima kakhulu ngoba umphakathi ufuna ukuwabona ephakathi kwawo njalo. “Ngiye ngithi amakhansela awomphikwa ngoba njalo uma ubuza abantu ukuthi ubani ikhansela langakubo, baye baphendule ngelithi abalazi baligcina lisabancengela ukuthi livotelwe, nami sengiye ngisho njalo ngithi angilazi ikhansela lami”, kuchaza uNgqongqoshe uSithole-Moloi sakuncokola ngakubiza ngobunzima obubhekene namakhansela. Ekhuluma kuwo lomcimbi wokudlulisele lesisihlonti kwiLembe, ubuye wancoma namakhansela amadala alokhu ayibamba kusukela ngonyaka wezi 2000 kuza kulona wezi 2016. Uthi uma amakhansela esehleli komasipala ubuqembu bezombusazwe bubuye busale eceleni kube wumsebenzi wokusiza abantu kuqala ngaphambi kwePolitiki. Usho lokhu magede amakhansela nabebehambela lomcimbi wesidlo sakusihlwa bashaya ihlombe

ngisho namakhansela ezinhlangano eziphikisayo ezwakala evumelana naye. “Kuyajabulisa ukuthi kuleminyaka eyi 16 yombuso wohulumeni bezindawo, namagalelo abantu besifazane abonakele, lokho kusho ukuthi siyisizwe siya phambili”, kuqhuba ungqongqoshe uSithole-Moloi. Amakhansela abesehlale kulomsebenzi iminyaka eyi 16 aklonyelise ngezindondo ezihambisana nezitifiketi kwathi abesedonse ngaphezu kwalokho athola izindondo ngambili ukuhlonipha iqhaza alibambile. Udaba lokubhebhetheka kwesifo sengculaza akakushiyanga ngaphandle uNgqongqoshe uSithole-Moloi njengoba eveze ukuthi lesifo sesiyanqotshwa mayelana nokudluliseleka ezinganeni ezizalwa omama abahaqekile, kodwa wazwakalisa ukungenami ngokuthi amantombazane amancane asabikwa ukutheluleka ngejubane elikhulu kakhulu uma uwaqhathanisa nentsha engabafana abawontanga. Uthi usola ukuthi amadoda



UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi

amadala abizwa ngo Sugar Daddy yiwo afafasa lesisifo ezinganeni ezincane. Umasipala weLembe elinomasipala abane okubala iKwaDukuza, Mandeni, Maphumulo neNdwedwe ubumelwe yisekela lemeya uNksz Dolly Shandu othembise uNgqongqoshe uSithole-Moloi

ukuthi igcagcele esokeni nakubona ngoba sebevele baqedile ukufaka izindlu zangasese kulomasipala kanti basohlelweni lokuqhubeka begijime nalesisihlonti balethe intuthuko kubantu, kuthi lapho kusasele khona bazosebenzisa lesisihlonti ukupha ithemba.

Kukhulekelwe ukuthula nozinzo eHostela lakwaMashu

STHEMBISO SHANGASE

Kukhuzwe umkhuba wokubulalana nodlame ngesikhathi kuhlangele abamabandla ehlu kahlukenene nabezepolitiki bezokhuleka ehostela lakwaMashu. Zikhombise ubumbano nobunye izinhlangano zezombusawe kulomcimbi wokukhulekela ukuthula nozinzo. Lomcimbi uqale ngemashi esuke egaraji e-Shell elikuleli lokishi waphelela enkundleni yezemidlalo iRotary. Lengqophamlando yomcimbi ibihlelwe uMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, amabandla kanye namaqembu ezombusazwe. Inhloso yalomkhuleko kubalwa ukukhulekela ukulwa nobugebengu, ukubekezelelana kanye nokubuyiswa komoya wobuntu ehostela. Amaqembu

ahlukene omculo wokholo nomasikandi ashiyelane inkundla bedlulisa igama lobunye nobumbano ehostela. UNgqongqoshe wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi kwaZulu-Natali, uMxolisi Kaunda, uncome ubumbano olukhona phakathi kwamaqembu epolitiki kulendawo. “Ngibonga ubumbano esilufice lapha phakathi kwamaqembu ezombusazwe. Lokho kukhombisa ngokusobala ukuthi akukho ukungqubuzana okuzoba khona njengoba sibheke okhethweni loHulumeni basekhaya,” Kusho uKaunda. UMhlonishwa uKaunda ube esenxusa izakhamizi zakulelihostela ukuba ziqinisekise ukuthi akekho umuntu ohlaselwa ngoba kuthiwa uhamba naliphi iqembu lezepolitiki. “Sifisa ukuba

wonke umuntu avotele noma ngabe iliphi iqembu alithandayo. Mphakathi kukithina sonke esilapha ukuba lokhu sikuqinisekise ukuthi kuyenzeka,” kuqhuba uKaunda. UKaunda uveze ukuthi inhloso yokuhlangana idalwa ukukhathazeka ngenxa yobugebengu obuhlasele lendawo. Uphinde wakhala nangodlame lwezepolitiki. Ube esenxenxa umphakathi ukuba ujoyine umbimbi lokulwa nobugebengu ukuze zonke izigilamkhuba zigcinwe lapho ekumele zigcinwe khona. Namaqembu eze politiki ahlala ku 3-aside athole ithuba lokuba adlulise imiyalezo yawo egququzela ukuthula nozinzo okubalwa i-ANC, IFP kanye neNFP. Uphethe ngokufisela abantu bakulelihostela ukhetho



UNgqongqoshe wezoKuphepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnuz Mxolisi Kaunda kanye nabamabandla ahlukene ngesikhathi kunomkhuleko kwaMashu ehostela.

elinokuthula nokukhuleleka wabe esebanxusa ukuba baphume ngobuningi babo beyovota ngomhlaka 3 August 2016. “Sinxusa ukuba niphume

ngobuningi benu niyovota ngomhlaka 3 August 2016, ukuze nivotele uhulumeni eniwuthandayo,” kuphetha uKaunda.

KONKE SEKUMI NGOMUMO MAYELANA NOKHETHO ESIFUNDAZWENI SAKWAZULU-NATAL

Konke sekumi ngomumo mayelana nokhetho oselusondele lwezoHulumeni baseKhaya, esiFundazweni sakwaZulu-Natali.

Lokhu kushiwo nguNgqongqoshe woMnyango wezokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba, zoMdabu , uNomusa Dube-Ncube, kwisithangami sabezindaba ebesingethwe eThekwini.

“SinguHulumeni singakusho lokhu ngokugcwele ukuthi yonke into isimi ngomumo njengoba sibheke ukuthi, oMasipala bethu, banikeze izindawo ezizoba yiziteshi zokuvota kulilukhetho. Sekusele inyanga ngaphambili kokuthi siye siyovota. IsiFundazwe sethu singesikhulu kakhulu eZweni njengoba sinabantu abangu-11

Million. Lokhu kuqonde ukuthi singuMnyango sinomsebenzi wokuthi siqikelele ukuthi zonke lezi zindawo ezizosetshenziswa ukuba zibe iziteshi zokuvota, ezingu-4794, zinawo amanzi, ingqalasizinda yokuthuthwa kwendle kanye nogenesi” kusho uDube-Ncube.

“SinguHulumeni sinomsenzi omkhulu wokuthi, lolukhetho sidlale indima yethu ukuze izakhamuzi uma seziya ezindaweni zokuvota, babe nazo izinsiza ezifanele ukuze kuqiniseleke ukuthi ugesi banawo”. IsiFundazwe lesi siphinde sibe noMasipala abazohlanganiswa kwakhiwe abasha, ngenxa yesinqumo esathathwa yiBhodi elingamelele lezi zemincele yoMasipala. Lokhu ngokusho kukaDube-Ncube kwenziwa ngenhloso yokuthi kudidiyelwe izinhlelo zentuthuko koMasipala

lababazohlanganiswa, njengoba bonke batshengisile ukuthi abanawo amandla okuzimela ngenxa yokuthi abanazo izimbongi ezikhona ezikwazi ukuletha intela.

“SinguMnyango sesilutholile uhlu lwamagama lawa ekufiswa ukuthi laboMasipala babizwe ngawo, futhi khona maduzane sizokwethula lamagama uma esephasisiwe. UMasipala lona ozokwakhiwa yiZinqoleni neHibiscus kuphakanyiswe ukuthi kube iRay Nkonyeni. Imbambazane noMtshezi, kuphakamiswe ukuthi kube Inkosi Langalibalele.

UMasipala waKwaHlabisa ne Big Five False Bay, kuphakamiswe ukuthi kube Big 5 Hlabisa. Besekuthi Ingwe ne Kwa-Sani kuphakanyiswe ukuthi kube iDr Nkosazana Dlamini-Zuma. Lamagama aphakamisiwe,



UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube

asacubunugulwa, futhi khona maduzane kuzokwethulwa uma esephasisiwe” kuqhubeka kuchaza uDube-Ncube. Kulolukhetho isibalo sabantu abazoba ngamakhansela

esiFundazweni senyukile ngo-110, saba ngu-1846. Sikulindele singuHulumeni ukuthi lolukhetho lube ngenkulu impumelelo.

Kusayinwe isivumelwano nabamabhasi ngohlelo lwezithuthi eThekwini

MABUYI MKARRY

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda, ngokuhlanganyela noMasipala weTheku kanye nembongi yamabhasi basayine ingqophamlando yesivumelwano iMemorandum of Agreement (MoA) ngaphansi kohlelo lwe-Go! Durban ezinkundleni zemidlalo eMoses Mabhida ngeledlule.

Abaphathi bamabhasi abebeyingxenywe yalesi sivumelwano esibalulekile yiDurban Bus Owners’ Association (BOA), iKwaZulu-Natal Bus Council (KWANABUCO) neSouth African Bus Owners’ Association (SABOA). Ngalesi sivumelwano kuhloswe ukuthi sisebenze njengomhlahlandlela uma kwenzeka kuba nezimpikiswano nokubonisana ngenxa yokusatshalaliswa kokusebenza kohlelo lwezokuthuthwa komphakathi oludidiyele, i-

Integrated Rapid Public Transport Network (IRPTN), nalapho imboni yokuthuthwa komphakathi izoba neqhaza elikhulu. Kusakela luqalisiwe ukusebenza lolu hlelo lwe-Go! Durban, idolobha lizibophezele ekuqhamukeni nohlelo olusha lwezokuthuthwa komphakathi ngokubambisana nabanikazi bezithuthi zomphakathi.

Lokhu kuhlanganisa nabembongi yamatekisi ngokusebenzisa isivumelwano esasayinwa phakathi kwabo nedolobha ngo-February 2014. UKaunda ushayele ihlombe idolobha nomkhandlu wonkana ngokusayinwa kwesivumelwano wathi kuyigxathu elikhulu eliya phambili emsebenzini wokunikezela ngezokuthuthwa komphakathi okungcono kubantu.

Uqhube wathi kukhomba nokuzibophezelela kukaHulumeni nokuhlanganyela ezinhlelweni zentando yeningi kuleli lizwe. “UMnyango wezokuThutha umile



UMnu Mxolisi Kaunda esayina isivumelano phakathi koMnyango wezokuThutha, uMasipala weTheku nembongi yamabhasi. **Isithombe: SBU ZUNGU**

ekuzibophezeleni kwawo ekuguquleni ezomnotho kubantu.

Kuyisibophezelo sethu esisha ukuthi sizosebenza kanzima ukuqinisekisa ukuthi abaphathi bamabhasi abansundu bathola ingxenye efanele yomsebenzi kanye nomnotho obonakalayo

ukuze baqhubeke nokuthuthuka baye phambili. Sekusobala ukuthi kulo nyaka-mali esikuwona njengamanje zilishumi izinkontileka esizozisayina zezithuthuthi zomphakathi ezixhasiwe (Subsidised Public Transport Services) nezibhekiswe kubantu

abansundu,” kusho uKaunda. IMeya yoMkhandlu weTheku uKhansela James Nxumalo ubonge kakhulu abaphathi bamabhasi ngokusayina lesi sivumelwano, ukuzibophezelela kwabo ekuhlanganyeleni ezingxoxweni ngokuzinikela, kanye nokuvumelana ngohlelo lokusebenza oluzobalethela izinzuzo emabhezini abo, kumakhasimende kanye nakwizakhamizi ezakhele uMasipala weTheku.

“Kubalulekile ukuthi imiphakathi yethu isebenzise izithuthi eziphephile, ezethembekile nezisebenza ngendlela efanele.

Asisoze saphumelela singumasipala ngaphandle kokubambisana nabaphathi bembongi yamatekisi namabhasi kanjalo noMnyango wezokuThutha onegalelo elikhulu kuzo zonke izinhlelo zokuthutha kuMasipala,” kuphetha uNxumalo.

UNgqongqoshe uKaunda wethule UR905 Million wokwakha amabhuloho nomgwaqo eMsinga

NONHLANHLA NDANDWE

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda uzethule ngokokuqala emphakathini waseMsinga ngenkathi ememezela izinhlelo zentuthuko yomgwaqo namabhuloho okuzoshintsha izimpilo zabantu bale ndawo.

Emsebenzini wakhe wokuqala uNgqongqoshe uKaunda umemezele isamba sika-R905 million esizofakwa ekwakhiweni kwamabhuloho amabili kanye nokufakelwa kwetiyele emgwaqeni omkhulu u-P280 ozoxhumanisa iWeenen neTugela Ferry eMsinga.

Le misebenzi emithathu izothuthukisa ezokuxhumana ibuye yenyuse namathuba ezomnotho ezindaweni zasemakhaya ezingaphansi kwesifunda uMzinyathi. Ukufinyelela ezikhungweni zemiphakathi sekuzoba lula ngokwakhiwa kwalezi zakhiwo ezintathu. Lezi

zikhungo kubalwa imitholampilo, izikole izikhungo zezithuthi zomphakathi kanye nenxanxathela yezitolo. Ebhulohweni elikhulu iTugela Ferry elisemgwaqeni omkhulu uP6 izimoto sezizophambana bese kuthi kuleli elidala elidlula imoto eyodwa lezinsimbi elaziwa ngokuthi Isibaya Bridge, lizohlala limile njengoba selfakwe ngaphansi kwezakhiwo ezingamagugu.

Lona lizosetshenziswa abahamba ngezinyawo kuphela. Ibalalelwa ku-R97 million imali etshalwe kulo msebenzi wokwakhiwa kwaleli bhuloho elizoba seqophelweni eliphezulu.

Isiminyaminyama sezimoto sizokwehla ngemuva kokufakelwa itiyela kwimpambana-mgwaqo uP6 noP280, ohlanganisa uMsinga neGreytown, iDundee, uMnambithi noMgungundlovu kanye nothelawayeka uN3. UNgqongqoshe uKaunda,

ophelezelwa iMeya yesifunda saseMzinyathi, uKhansela Linda Ngubane uhlabe isoyi lokwakhiwa kwebhuloho laseMahlaba iBuffels River Bridge elizodla isamba semali esingu-R13 million.

Ukwakhiwa kwaleli bhuloho kulandela ukucelwa kwalo amalungu omphakathi waseMahlaba ngonyaka ka-2012 kulandela ukuhlaselwa kubulawe amalungu eSikhebhe ngesikhathi ethungatha imfuyo eyebiwe.

Kuyona yomithathu le misebenzi ezokwenziwa eMsinga, angaphezu kuka-1 020 amathuba emisebenzi azovulelekela izakhamizi zendawo ikakhulukazi abesifazane nentsha.

UKaunda ugqizelele ukuzibophezela kukaHulumeni ekuphuculeni imigwaqo ezindaweni zasemakhaya njengengxenywe yokuthuthukisa ezomnotho kanye nokusungulwa kwamathuba emisebenzi. “Isabelo esingu-R905 million kule misebenzi emithathu



UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda uhlanganyele nobuholi bukaHulumeni waseKhaya wethula izinhlelo zentuthuko eMsinga. **Isithombe: SBU ZUNGU**

sizophucula ezomnotho walesi sifunda, esizobuye sithole omunye u-R311 million kunyaka mali ka-2016/17. Ukwakhiwa kwebhuloho oThukela kuzokwenza kube lula ukuhwebelana phakathi kwesifunda saseMzinyathi kanye nezinye izindawo zesifundazwe.

Abantu abasha kanye nabesifazane bazohlomula ngokuthola ukuqeqeshelwa amakhono kanye namathuba emisebenzi ngokwakhiwa kwalezi zingqalasizinda,” kusho uKaunda.

UKAUNDA USHAYELE IHLOMBE IMBONI YAMATEKISI NGOQEQESHO LWAMAKHONO OBUHOLI

Nginxusa ngibuye ngigqugquzele abanikazi bezithuthi ukuthi baphathe amabhizinisi abo ngokucophelela okukhulu yikhona kuzophepha imiphakathi.

AKHONA DLAMINI

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal uMnu Mxolisi Kaunda ubongele abeKwaZulu-Natal Taxi and Commuter Corporation (KZNTCC) ngokuzibandakanya noqeqesho oludingeka kakhulu ebuholini bemboni yamatekisi.

Lokhu kuvele ngesikhathi uKaunda ehambele umcimbi wokunikezwa kwezitifiketi obuse-International Convention Centre (ICC) eThekwini, ukuzohalalisela amalunga emboni yezokuthutha ngokuphothula uhlelo lwawo lokuqeqeshwa. Lolu hlelo kuhloswe ngalo ukuthuthukisa ubumbano embonini yamatekisi kulesi sifundazwe nokubhekelela ukuthula endaweni ngesikhathi kuthuthwa imiphakathi.

Ngesikhathi ethula inkulumo yakhe, uKaunda uthe: “Ngiziswa

ngithobekile kakhulu ukuthi ngibe yingxeny yalo mcimbi wokunikezwa kwezindondo wemboni yamatekisi owenganyelwe abe-KZNTCC egameni eSANTACO ngokuxhaswa uMnyango wezokuThutha.

Asinakho nakancane ukungabaza ukuthi loluqeqesho kanye nokuthuthukiswa kwabashayeli kuzoselekelela nathi ekuphuculeni ezokuphepha emgwaqeni nokuthutha okusezingeni eliphezulu,” kusho uKaunda.

“Sizohubeka nokweseka imisebenzi yalolu hlobo okuhloswe ngayo ukufaka isandla kakhulu ekutheni le mboni yezokuthutha ibe ngethembekile, esebenzayo ngokweqiniso, ephephile kanye nenokuthula kulesi sifundazwe,” kuqhubeka uKaunda.

Ngokusho kukaThandeka Mazibuko omunye wabathole isitifiketi sokuphothula lolu hlelo uthe uqeqesho abalutholile lubazuzise ngolukhulu ulwazi. “Lolu qeqesho beluqondiswe ngqo ezingqinambeni ezibhekene nemboni yamatekisi nokuthi kuzobhekwana kanjani nazo lezo zingqinamba.

Bekugcizelelwe futhi nokuthi ubuholi bemboni ngaphakathi ematekisini bungasebenza ukufafaza ivangeli elihle elingaetha izinguquko ezihlabahlosile kubuye kube nomkhomba-ndlela ozoqinisekisa ukuthi ukulethwa kwenzuzo kuba yimpumelelo ngaphakathi embonini,” kuchaza uMazibuko.

UKaunda ube esegqugquzela labo abathole izitifiketi ukuthi babe ngoshampeni ekuphathweni kwamabhizinisi ngokuthi



UNgqongqoshe wezokuThutha uMnu Mxolisi Kaunda enikeza isitifiketi kuSihlalo we-SANTNACO KwaZulu-Natal uBoy Zondi ngesikhathi kunomcimbi we-KZNTCC wokunikezela ngezitifiketi.

basebenzise ulwazi abalutholile ukwelekelela ukuguqula imboni. “Nginxusa ngibuye ngigqugquzele abanikazi bezithuthi ukuthi baphathe amabhizinisi abo ngokucophelela okukhulu yikhona kuzophepha imiphakathi.

Futhi, ukugqamisa ezokuphepha ematekisini esifundazwe, ikakhulukazi ngesikhathi samaholide esimatasatasa kubalulekile kakhulu,” kuphetha uKaunda.

UKaunda uthule izinhlaka zezokuphepha oPhongolo

Umpathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnuz. Mxolisi Kaunda, wethule waphinda wagcoba ngokusemthethweni izinhlaka zomphakathi ezilwa nobugebengu ezibizwa ngokuthi i-Phongolo Community Safety Forum, ngaphansi koMasipala wase-Zululand. Indawo yasoPhongolo ike yahlaselwa kakhulu ubugebengu bokwebiwa kwemfuyo, nokuyilapho umphakathi uthathe isinqumo sokusukuma ulwisane nalobu bugebengu. Umnyango wezokuPhepha ube usungenelela ngokubaqoqela ndawonye, ubaqeqesha ngendlela okufanele basebenze ngayo, besebenza ngaphansi komthetho.

Lezi zinhlaka zibe sezikhula ziba khona kuwo wonke ama-wards angaphansi kwalomasipala, ukuzolekelela amaphoyisa ukukhuculula ubugebengu endaweni yasoPhongolo.

Le ndawo ihlaselwe ubugebengu bokwebiwa kwemfuyo, ukwebiwa kwezimoto kanye nokubulawa kwabantu. Ngonyaka ka-2014, uMnyango uvakashele kulendawo emveni kokuthi kuvumbuke amaqembu abafanyana enza ubugebengu ezibiza ngamagama okuyi-Correct, Funky boys, Snacks, Bone brokers, Scorpions, Hungry Lions. Nokwaze kwaholela ukuthi kuphazamiseke ukufunda kwawalwa nezikole. Le ndawo isondelene nemingcele yaseSwaziland neMozambique,

kuningi okungena kuleli lakithi ngokungemthetho nokuya ngale ngokungemthetho. Amaphoyisa asenze umsebenzi omkhulu ebambisene namakhansela kanye nomphakathi workana ukuqinisekisa ukuthi ubugebengu abudlaleli kulendawo.

UKaunda, ube esethula lezi zinhlaka wazethula kumphakathi wonke wathi; Ngithike angibonge izinsizwa nezintombi lezi esezizinikele ukusebenzela umphakathi zilwe nobugebengu.

Ngithi kini lona umnikelo omkhulu kakhulu kanti futhi uhambisana nenhloso-ngqangi yomnyango yokuthi kufanele kube imiphakathi uqobo lwayo esekheleni lempi yokulwa nobugebengu. Iqiniso ukuthi amaphoyisa ewodwa

engalekelelwa ngumphakathi ngeke akwazi ukulwa anqobe ubugebengu. Umpakathi wasoPhongolo usuke wawubona umphumela omuhle wokuzinikela komphakathi ekulweni nobugebengu. Amalunga e-CPF Youth Desk enze umsebenzi oncomekayo ebamba amasela ezinkomo kanjalo nalabo abazama ukushushumbisa insangu beyisa eThekwini. UMnuz Nkosinathi Mkhwanazi, yena ongusihlalo wophiko lwabantu abasha i-Community Youth Desk-yena owaba umholi wabantu abasha oyisibonelo esihle ekulweni nobugebengu bokushushumbiswa kwezidakamizwa zingeniswa kuleli zingena ngomngcele wase-Swazini neMozambique.

Akugcinanga lapho, uMnuz Zibuse Malinga we-Phongola Community Crime Prevention Association,yena wathola indondo yokugqugquzela ukuphepha komphakathi njengoba eqhamuka enhlanganweni yomphakathi eyazisukumela yona ngokwayo ukulwa nobugebengu. UKaunda ube esengxusa umphakathi wasoPhngolo ukuthi uqhubeke nokugqugquzela ukuthula nozinzo njengoba siya okhethweno lohulumeni basekhaya ngomhlaka 03 August 2016, wathi abahambe ngobuningi babo beyovota, bavotele abantu ababathandayo, abasebenzayo abaqhuba intuthuko.

UScott uyale intsha ukuthi izithibe ocansini

NHLAKANIPHO BUTHELEZI

UNgqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkk. Belinda Scott unxuse intsha kuMasipala waseMshwathi ukunqanda ukusabalala kwegciwana lengculazi (HIV) kule ndawo.

UScott weluleke intsha yakulo masipala ukuthi iyeke ukuzibandakanya ngokocani ibhekane nemfundo ukuze ithuthukise izimpilo yayo. UNgq. Scott uvakashele eTrustfeed, eThokozane kanye naseCool Air kuwo lo masipala ngenhloso yokulwisana neHIV nengculazi nokwazisa abantu nge 2016 International AIDS Conference ezobe ibanjelwe eThekwini mhla ziye 18-22 kuJuly. UScott usemkhankasweni wokuhambela omasipala esiFundeni uMgingundlovu ngenhloso yokulwisana nokusuleleka ngegcwane lengculazi. Uthuse abaningi ungqongqoshe eholo lomphakathi wase Trustfeed lapho ebethula khona inkulumo yakhe uma esho izibalo zabantu

abasulelekile yileli gciwane kule ndawo. Uthe babalelwa ku 39.5% abantu besifazane abanaleli gciwane kulo masipala - okusho ukuthi uma behleli be bathathu oyedwa wabo unalo. Ube esethi kubantu besilisa abahlolile leli gciwane, izinga labanalo libalelwa ku 21% - okuchaza ukuthi uma behleli bebahlanu oyedwa wabo unalo. Ube esethi imbangela enkulu eyenza leli gciwane lisabalale indlela yokuziphatha kwabantu abasha. “Njengabazali nabaholi emphakathini kumele siqinise imithetho kubantu abasha, intsha akumelanga ikukhuthalele ukuya ocansini”, kusho uScott.

“Igciwane lengculazi seliyingxeny yempilo emphakhathi, ngenye yezinkinga esibhekene nazo, ngakho asikwazi ukuvele sivale amehlo. Kumele sime ndawonye silwe nalo”, kusho uScott. USekela Meyya waseMshwathi, uKhansela Sphindile Zondi-Mbele, uyamukelile le nselelo wathi



Kusuka kwesokunxele kuya kwesokudla- Mandla Zondi (uMshwathi Municipality), uSekela Maya Sphindile Zondi- Mbhele, Sisonke Program Manager Khanyi Bhengu, MEC Belinda Scott, Ward Councillor Promise Dlamini, OSS Representative Mpume Manyoni.

angeke kusabakhona ukusulelana ngaleli gciwane le HIV.

"Sizimisele ukuthi singabazali nabaholi kule ndawo sibhukule silwe nokusuleleka kwabantu ngegcwane lesandulelangculazi," kusho iSekela likaMeyya.

UZondi-Mbele uthe izinga lentsha ekhulelwayo kule ndawo liyathusa kakhulu. "Kumele sishintshe indlela esiziphatha ngayo nesenjangayo izinto siphinde

sikhulume ngengulazi kanye negciwane layo ngokuvulelekile.

"Kumele sithi 'Cha ocansini olungavikelekile'. Uma usafunda ithi nje 'Cha ekwenzeni ucansi'. 'Cha ngoSugar Daddy' kanti futhi sithi 'Cha nakoSugar Mama'. Phambilini osukwini uScott unikele ngamabhodwe okupheka, isitofu segesi kanye nesigubhu segesi, ukudla ukunomsoco, amapleti izinkomishi kanye nezinto

zokubhala eSisonke Programme endaweni yaseThokozani.

Isisonke yondla iyingane eziswele neziyizintandane. Usuke lapho waya kokwenza okufanayo enkulisa iKhanyo's Child Minder eseTrustfeed. Uphinde wavakashela imindeni yaseCool Air lapho etshele khona izakhamizi ukuthi zizilungiselele kule mpi yokulwisana nesandulelangculazi kanye nengculazi uqobo lwayo.

NASEMPOFANA ISIBANI SENKULULEKO SESIYAKHANYA

Iningi labantu baKwaZulu-Natali, ikakhulukazi abasezindaweni zasemakhaya ababeshiywe ngaphandle nguhulumeni wobandlululo mayelana nezinhlalelo zentuthuko nokulethwa izidingqo-ngqangi

VERNON MCHUNU

Imiphakathi engaphansi kukamasipala wase Mpofana ngaphansi kwesifunda uMgungundlovu kuma wadi u 2 no 4 nayo isingeminye yalezozindawo esezithola ukuphila impilo engcono nevulela amathuba okuthuthuka kwezomnotho kanye nawokuqasheka ezimbonini ezinkulu.

Lokhu kuvele ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisa neZindaba zomdabu KwaZulu-Natali, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, ezohlola ukuqhubeka kwenxanxathela yezinhlelo zokufakela lemiphakathi ugesi emcimbinini obukulelisonto ngoLwesine.

Kwenzeka lokhu nje, isifundazwe sisemkhankasweni wokuqhakambisa iminyaka engu 16 kusukela kwabakhona omasipala ababuswa ngaphansi kwentando yabantu eyazalwa ngonyaka ka 1994, nokuyinto eyenzeka ngophawu lwesibani esemukelwe eThekwini ngempelasoto edlule, nesizolokhu sishintshisana izandla kuzona zonke izifunda kuleli lika Mdlokombane.

Okuhlalukile wukuthi uhlelo lwezigidigidi ezingaphezu kwesithupha (R6 million) oluqalwe nyakenye, nokuhloswe ngalo kukhanyisela imindeni engaphezu kwengamakhulu amathathu, seluyaphothulwa njengoba

ingxenyeni eningi yalamakhaya kuyona sekukhanya bha ugesi.

Ngaphezu kwalokho, olunye uhlelo lona oluzokhanyisela ababesilele ngaphandle ku wadi 4, lona seluyaqala njengoba konke sekume ngomumo nemali eyizigidi eziyisishiyagalolunye nesigamu (R9.5 million) nayo isilungisiwe. Lamakhaya kulindeleke ukuthi kuthi kuphela isigamu sonyaka ozayo, nakuwona kube sekuphekwa, kukhanyiswa kufundwa ngogesi.

“Sijabule kakhulu ukubona ukuthi lezizinhlelo zihamba ngendlela, nokuyinto ezosiza ukuba izakhamizi ngaphansi kweMpofana, ebezingenawo ugesi, nazo ziphile impilo efanayo

neyalabo abazinze emadolobheni kanye nasemalokishini,” kuchaza uDube-Ncube.

“Okusithokozisayo wukuthi lemiphakathi nayo isizofana neminye eminingi esifakelwe ugesi esifundazweni kusukela lelizwe lakhululeka nalapho saqala khona ukufaka omasipala kuzona zonke izindawo ukuze sisondeze uhulumeni eduzane nalapho abantu bezinze khona,” kusho ungqongqoshe. “Iningi labantu baKwaZulu-Natali, ikakhulukazi abasezindaweni zasemakhaya ababeshiywe ngaphandle nguhulumeni wobandlululo mayelana nezinhlalelo zentuthuko nokulethwa izidingqo-ngqangi — namuhla nabo sebezophila impilo

efanayo neyabelungu nezinye izizwe.”

Kulomcimbi, ungqongqoshe ubeseveza nokuthi kusukela ekupheleni konyaka ofile, isimininingi neminye imiphakathi esifakelwe ugesi, nokubalwa kuyona eseMakhabeleni eMvoti ngaphansi kwesifunda uMzinyathi; eNhlazatshe oNdini ngaphansi kwesifunda iZululand; eAlpha East-Mine eBaqulusini ngaphansi kwayo futhi iZululand; eNdwedwe ngaphansi kwesifunda iLembe; kanye naseMboza kwaMhlabuyalingana ngaphansi wesifunda uMkhanyakude, phakathi kweminye eqaqele isifundazwe sonkana.



OwezeMfundo ufundisa ngokusebenza kwephalamende kanye nentando yeningi

SIHLE MLOTSHWA

UMnyango weZemfundo KwaZulu-Natal usingathe uhlelo lwezinsuku ezine endaweni yase Meet Meekar eMtubatuba lapho ubufundisa khona abafundi ngokusebenza kwePhalamende.

Loluhrlelo olubizwa nge Learner Parliamentary Democracy Education belwenziwe ngokuhlanganyela ne Sishayamthetho saKwaZulu-Natali.

Loluhrlelo oluhlanganisa abafundi abaphuma kuzo zonke iziFunda eziyishumi nambili zaMnyango. Bangaphezu kwamakhulu amane

abafundi abadlale indima kuloluhlelo oluyingqayezivele.

Inhlalo enkulu yaloluhrlelo ukwenza abafundi bazi kabanzi ngokusebenza kwephalamende, ukuqeqesha abafundi ukuthi bakwazi ukuphikisana ngaphandle kokudonsisana, ukuqeqesha abafundi ukuthi bakwazi ukubekezelela imibono yabanye abantu kanye nokwenza abafundi bazi kangcono ngezinsalelo ezibhekene nemiphakathi yase Ningizimu Afrika. Loluhlelo lwenziwa minyaka yonke

ngenyanga ka June ukuze kugujwe izehlakalo ezenzeka ngo 1 6 June 1976.

“IPhalamende lentando yeningi liyingxenyeni ebalulekile kuHulumeni wethu, yingakho sabona ukuthi sigxilise intando yeningi futhi senze abafundi bakwazi ukusebenza kwePhalamende ngaloluhrlelo,” kusho uNkk Sthoko Shange oyi Deputy Chief Education Specialist, obengumgqunguzeli omkhulu walomcimbi.

Kulomcimbi bekukhona abaphuma esiShayamthetho

sesiFundazwe saKwaZulu-Natali ekade beqeqesha abafundi ngokusebenza kwePhalamende kanye nangemithetho yePhalamende. uMnuz Mabandla Mbuli oyi Procedural Officer KwisiShayamthetho saKwaZulu-Natali, uthetha loluhlelo luhambe kahle kakhulu futhi unesiqiniseko sokuthi abafundi bazuze okuningi.


Omune wabafundi, uSanele Sibeko, ofunda Emlazi Comtech, uthetha loluhlelo luyabasiza ukuthi basizane, bahlomisane njengabantu abasha njengoba

banendima enkulu okumele bayidlale ekuthuthukiseni izwe.

“Nginesiqiniseko sokuthi sonke ebisikhona kuloluhlelo sizophuma sihlome kakhulu futhi sizoba ngabaholi bakusasa,” kusho u Sibeko. U Sthoko Shange, ongumgqunguzeli, uthetha wanelisekile ngendlela uhlelo oluhambe ngayo.

“Abafundi sibe sesibaklomelela emikhakheni ehlukene,” kusho uNkk Shange.

I DO RIGHT
EVEN WHEN NOBODY IS WATCHING



KWAZULU-NATAL IS GROWING, DEVELOPING AND CARING!

ANTI-CORRUPTION HOTLINE -
0800 596 596



UNGQONGQOSHE UMTHANDENI DLUNGWANA UTHUTHUKISA INGQALASIZINDA

■ Namhlanje njengoba sizokwethula lamagumbi amahle kangaka kanye nefenisha esezingeni eliphezulu sizolekelela ukuhlalisa izingane zethu ngendlela efanelekile.

NOMPUMELELO GASA

Akafikanga kodwa ugalelekile UMphathiswa wezeMfundo KwaZulu Natal, uMthandeni DLungwana osekombise enkulu intshisekelo ngomsebenzi wokuhola uMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natal. Lokhu kugqame kakhulu mhla ehambela indawo yaka Nongoma ngaphansi kwesiFunda iZululand ngenhloso yokuthuthukisa ingqalasizinda yesikole ikwaDenge Senior Secondary School. UMphathiswa uDLungwana uhlonze lesikole njengesikole esinesidingo esikhulu sokuba silekelelwe ngengqalasizinda ngenxa yenani labafundi elikhuphuka ngesivini. OkaDLungwana uthule ngokusemthethweni ingqalasizinda okubalwa kuyo

amagumbi angomahamba nendlwana amahlanu kanye nefenisha okubalwa ama desk angu 180, izihlalo ezingu 120 kanye nama steal cabinet ayisihlanu, okudle uMnyango imali engaphezu kwesigidi. IsiFunda sase Zululand singezinye seziFunda ezinezindawo eziningi zasemakhaya kodwa uMnyango wezeMfundo uzibeke eqhulwini ukuzithuthukisa ukuze kuvaleke igebe elikhona phakathi kwezifunda zasemadolebheni kanye nalezo zasemaphandleni. Enkulumweni yakhe uMphathiswa ukucacisile ukuthi umphakathi wakule ndawo ungeminye yaleyo esekunesikhathi eside idonsa kanzima, ingakutholi ukuhlinzekwa ngezidingo ngendlela efanele. “Namhlanje njengoba

sizokwethula lamagumbi amahle kangaka kanye nefenisha esezingeni eliphezulu sizolekelela ukuhlalisa izingane zethu ngendlela efanelekile. Sinethemba lokuthi lokhu kuzoletha umyalezo wethemba kubafundi ukuthi basebenze ngokuzikhandla ukuze baphumelele ezifundweni zabo ngenhloso yokuthi baqhubekele phambili nemfundo ukuze bazithuthukise baphinde bathuthukise nemindeni yabo,” Kubeka okaDLungwana. Eqhuba nenkulumo yakhe uMphathiswa ukucacisile ukuthi banolwazi ngokukhula kwesivini sesibalo sabafundi bakwaDenge ngenxa yokwanda kwezakhamuzi eziqhamuka kwezinye izindawo. “SiwuMnyango sizokwenza konke okusemandleni ukulekelela lapho kunenkinga khona ngoba

asikwamukeli ukuphazamiseka kokufunda nokufundisa ngenxa yengqalasizinda. Ngakho siyacela ukuthi abafundi, othisha kanye nomphakathi balekelele ekuqapheni lengqalasizinda ukuze ihlale isesimweni esifanele. UHulumeni noMnyango wezeMfundo kulesi sifundazwe uzibeke phambili izimpilo zabantu, nalapha kwaDenge sibone kubalulekile ukuthi sisondele uma sizwa izikhalazo ngengqalasizinda,” kuphetha uDLungwana. Umphakathi owakhele isikole iDenge High ubuphume ngobuningi bawo uzokwamukela lengqalasizinda elethwe uMnyango, obekugqame kakhulu injabulo ebichichima ebiphelezelwa imikikizo namahubo abehutshwa okukhombisa ngokusobala ukuthi bayasithakasela lesisipho.

Ekhuluma kulomcimbi uThishanhloko wesikole uMnuz uShongwe ubonge wangapheza kuMnyango wezeMfundo ngokusabela kwikhwelo lawo lokuswela indawo yokufunda nokufundisa nokuyinto ebizokhubaza kakhulu ukuqhutswa komsebenzi esikoleni. “Lokhu okwenziwa uMnyango wezeMfundo kusifaka ugqozi ukuthi kanti nathi siyiDenge sibalulekile, siswele imilomo yokubonga, siyamthembisa uMphathiswa ukuthi sizosebenza ngokuzikhandla ukukhombisa ukubonga kwethu futhi lokhu kuzofakazelwa imiphumela kamatikuletsheni ngoba kusukela namhlanje ayikho into ezosivimba nezosikhinyabeza ukuqhuba umsebenzi wokufunda nokufundisa,” kuphetha uShongwe.



RAPE IS A CRIME

365 Days Anti-Women Abuse Campaign

UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX



UMNYANGO WEZEMPILO KWAZULU-NATAL USEMBIDLANGWENI WOCWANINGO OLUZOLETHA UGUQUKO KWEZEMPILO

sifundazwe saKwaZulu-Natal sihlase ukukhiqiza ososayensi abaseqopheleni eliphezulu abangu-20 abazoba namakhono ahamba phambili ngasezintweni ezithinta umphakathi kanye nezamasiko abucayi abazocwaninga ngawo ukuze bathole izinselelo ezibhekene nabantu bakuleli kanye nabantu bakulesisifundazwe saKwaZulu-Natal.

Lena yingqikithi yohlelo lokusebenzisana okukhona phakathi kweNyuvesi yaKwaZulu-Natal, i-College of Health Science kanye noMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal, olwaziwa ngokuthi i-Developing Research Innovation, Localisation and Leadership (DRILL). I-Drill uhlelo lokuqeqesha olushayelwa ngokubambisana iNyuvesi yaKwaZulu-Natal kanye noMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal ukuvuselela umfutho wokukhulisa izizukulwane esisha esinamakhono, nesikwazi ukwenza umsebenzi, sihole izinhlelo zezinguquko endimeni yezeMpilo, bese kuthuthukiswa lezo zindawo ezingaphandle kwezindawo zasemadolobheni KwaZulu-Natal. Umbono ngaluluhlelo ngowokuthi

loluhlelo luzoqhubeka iminyaka emihlanu emikhakheni eyahlukene, lapho kuzobe kuqeqeshwa khona abantu basenyuvesi, abafundi kanye nabaphathi bezeMpilo. Lokhu kuqeqesha kubhekeke ukuba kwakhe ithimba elizocwaninga, kuphinde kuthuthukise abaphathi kwezeMpilo ukuze bezokwazi ukubhekana nezinkinga ezibhekana nomphakathi.

IZINTO EZIMQOKA UKUQEQESHA OKUZOGXILA KUZO:

Izinto eziphathelene nesandulela ngculazi negciwane layo, Abantu abanokukhubazeka ngokomqondo, Ukufundisa ngezempilo kanye nokuqiniswa kwezinhlelo zezempilo Okhulumela iNyuvesi yaKwaZulu-Natal ekolishini leze-Science, uDkt Mosa Moshabela uthi inhloso ukudlulisela ulwazi kubantu abafanele nabazokwazi ukusiza umphakathi kube khona abakwenzayo okusha ngakwezempilo kanye nasekuthuthukiseni ikusasa lomuntu ngamunye.

“Kululuhlelo sifuna ukukhipha



ososayenzi abaseqopheleni lomhlaba abazokhamuka nemibono emisha ezinhlelweni zakuleli futhi baphokophele ekuletheni izinguquko.

Angeke senze okufanayo njalo; kumele sihambisane nezikhathi, ngakho kumele siqeqeshele oDokotela lapho bezosebenzela khona”. Kuchaza uDkt Moshabela. Bonke oDokotela bafuna ukuthi baqeqeshelwe ezindaweni zasemadolobheni ezifana ne-Theku kanye noMgungundlovu. Inhloso enkulu yaloluhlelo ukuthi kusatshalalwe, lolucwaningo kanye nokuqeqeshwa kuzosabalala

kuyona yonke imikhandlu yalesisifundazwe.

Lokhu kwenziwa ngenhloso yokuthuthukisa ukunikezelwa ngezempilo ezisezingeni kuzona zonke izakhamuzi zakulesisifundazwe.

Lokhu kuzodinga ukuhlela okwanele njengoba loluhlelo kunombono wokuthi luzokwethulwa eminyakeni emihlanu ezayo.

OyiNhloko yoMnyango uDkt Sifiso Mtshali umemezele ukuthi impela uMnyango uyakweseka kakhulu ukusebenzisana phakathi kweNyuvesi kanye noMnyango,

ekugxileni ezintweni ezithinta ezempilo: “Kumele siqhubeke nokukhuluma kuze kube kufika esigabeni lapho siba nezinhlelo ezikhuluma nezidingo zethu”.

Ungqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo uyincome kakhulu iNyuvesi ngokuqhamuka nohlelo oluhlaba hlose kangaka;

“Lena into okufanele siyibambe ngezandla zombili, sithi asenzeni konke okusemandleani ukuthi iphumelele.”

UNgqongqoshe wezempilo kwazulu-natal uncoma ukuzinikela kwabasebenzi basemakhazeni kaHulumeni

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo usencome zonke izisebenzi zasemakhazeni kaHulumeni KwaZulu-Natal ezisebenza ngokuzinikela nakuba zisebenza umsebenzi ongazigqamisi kakhulu.

Ubekhuluma emcimbini obuseMkhandlwini waso-Thukela e-Ladysmith ngenkathi kugujwa iminyaka eyishumi Umnyango Wezempilo wathatha lomsebenzi ngaphansi kwe-South African Police Service (SAPS).

UDokotela Dhlomo uthi nakuba zisekhona izinselelo zokushoda kwezinsiza kodwa leminyaka kumele igujwe.

UDhlomo uchaze izisebenzi zasemakhazeni njengezisebenzi ezisebenza ngokuzinikela nezisebenza kanzima.

UDhlomo uphinde wanxusa izisebenzi ukuba zingakhohlwa amandla omthandazo ukuze zinqobe izingqinamba ezihlangana nazo emsebenzini.

“Enye yezinto eyenza umuntu aphaile, ukukholwa umuntu abanako. Alikho inani lemali elingalinganiswa nobuntu. Eminye yemiqhele yenu niyoyithola ezulwini,” Kuchaza uDhlomo.

UDhlomo uchaze umsebenzi wasemakhazeni njengeminye yemisebenzi emqoka kakhulu eMnyangweni wezeMpilo, kanye nabazimo eziphuthumayo.

“Uma kuba khona okungahambi kahle kuloluphiko lwasemakhazeni, lokho kobe kuchaza inkinga enkulu.” Selokhu amakhaza angana ngaphansi koMnyango, sesakhe izikhungo zamakhaza ezintsha, salungisa nezinye



ebezikhona, senza izinqumo ngezisebenzi, kanye nokuhlungwa kwamakhono azo, ulwazi kanye nezikwazi ukukwenza. uMnyango uphinde waqinisekisa ukuthi ngesikhathi uthatha akukho ukuphazamiseka okubekhona ngokunikezela ngosizo.

Sikhuluma nje namhlanje uMnyango unezikhungo zamakhaza ezingu-36. Izikhungo zamakhaza ezingu-8 zisezikhungweni zikaHulumeni, bese kuthi ezingu-24 zisezezindaweni zamaphoyisa, kodwa zingaphansi koMnyango wezeMpilo, ezingu-4 zisezibhedlela zikaHulumeni, ezimbili kulezi zise-Phoenix kanye nase-Mgungundlovu, kanti zikwazi ukugcina izidumbu ezingu-409 kuya ku-439. Kanti izona izisebenzi zasemakhazeni ezibheke izidumbu

kanye nokulandwa kwazo.

UDhlomo unxuse zonke izisebenzi zasemakhazeni ukuba zisebenzise uhlelo i-Employee Assistant Programme inhloso yalo okokubhekana nezidingo zabenza lomsebenzi.

UNgqongqoshe Dhlomo oneziqu ze-diploma ku-Forensic Pathology azithola e-College of Medicine of South Africa, uthe uthando lwakhe ngalomsebenzi lwaqala eminyakeni embalwa edlule ngesikhathi ebona izisebenzi zasemakhazeni zenza lomsebenzi ngesikhathi kunenhlekelelo yengozi yebhasi eyadlula nemiphefumolo yamantombazane ayephuma eMkhosini woMhlanga KwaNongoma kanye nengozi yeloli eyenzeka ePinetown eyadlula nephefumo yabantu abangu-34.

UDhlomo uthi uyabazi ubunzima

obubhekana nemindeni esuke ilahlekelwe, “Ngesikhathi ngifisa ukuba ngizokwelekelela emakhazeni ase Pinetown, ngaqala ngaba nokungabaza.

Kodwa emva kokuzwa ukuthi mungakanani umsebenzi obhekene nezisebenzi zasemakhazeni endaweni yesehlakalo, okwehla kuyo ingozi yeloli namatekisi, nganquma khona lapho ukuthi cha impela ngifuna ukuqeqeshelwa lomsebenzi.

Okunye okumqoka ngalezi ziqu ze-Diploma, ukuthi ngangifuna ukuthi ngizifake ezicathulweni zezisebenzi zasemakhazeni. Uma zonke izinsuku zenza lomsebenzi waloluhlobo.”

Ebhakise ezisebenzini ezenza lomsebenzi, uDhlomo uthe: “Kumele nizithandazele, ukuze

nihlale niphila. Uma wenza lomsebenzi, kumele njalo uvuke unogqozo. Ngizizwa ngijabule kakhulu nakuba zikhona izinselelo, nihlezi njalo nibeka leyo mndeni esuke ilahlekelwe phambili.

“Ngiyazi ukuthi nsuku zonke nihlezi nibhekene nengcindezi yokuthatha izidumbu zabantu abashonile. Kodwa akukho okunye enisuke ningakwenza.

Kunzima kakhulu khona ukubona lokhu nalokhu zonke izinsuku. Ngibone kukuhle ukuthi ngizonibonga.”

UDkt. Dhlomo uzibophezele ukuqhubeka nekusasa lakhe endimeni yezasemakhazeni kanye nokuletha ushintsho ezisebenzini zasemakhazeni.